# INDIDA

Ningahlala phansi. Kade ngilinde isikhathi eside ukuba ngibuyele enhla lapha ePhoenix, futhi ngijabula ngempela kulentambama ukuba ngibe lapha. Uma ngisePhoenix, kukhona okuthize ngayo, njalo kungenza ngizizwe ukuthi ngihlezi phakathi kwabantu abangabangane bami, abangithandayo. Futhi—futhi ngamaqhawe amakhulu omkhuleko evela lapha ukuba angikhulekele, iminyaka. Ngiyikhumbula njalo imihlangano yokuqala engaba nayo lapha noMfowethu Outlaw, uMfowethu Garcia, nabefundisi lapha bedolobha. Ukuthi iNkosi yabusisa kanjani ngenkathi nje ngisesebusheni bemihlangano yami! Kusukela lapho, iPhoenix ibamba enkulu. . . Kukhona into esenhliziyweni yami, lokho kul'khuni ukukuchaza.

2 Njengomfana omncane, njalo ngangifuna ukuza ePhoenix. Njalo ngifunda ngogwadule. Nganginezinkondlo ezincane engazenzayo ngalo. Ngenkathi ngisengumfanyana nje, ngeArizona.

3 Ngijabula kakhulu ukuba ngo—ngowomdabu manje. Ngiqagele sengicishe ngibe nonyaka nje ubudala, futhi mhlawumbe ngaphezudlwana. Kodwa awutholi abaningi kakhulu abadala kunalokho. Wonke umuntu engigijimela kuye, ngithi, "Ungowomdabu na?"

"Awu, ngangokuba khona. Sengibe lapha isikhathi eside kangaka."

4 Futhi—futhi ngibona ukuthi bengizodingeka ngenyukele esabelweni saseApache, noma ndawondawo, ukuba ngithole owomdabu wangempela.

5 Nomunye wathi, esikhathini esingeside esedlule, wathi, "Mfowethu Branham, uyithanda kanjani iArizona na?"

6 Ngathi, "Awu, ibingelinye lamathemba ami amakhulu esikhathi sonke sempilo, ukuba—ukuba ngakhe eArizona, noNkulunkulu ungiphile lokho."

7 Silapha nje ngaphambili kwengqungquthela yoSomaBhizinisi, esiphenduke yaba yinto yonyaka kithi. Nakulentambama, njengoba sibuthene lapha sandulela ukubuthana ngaphambi kwengqungquthela eqala ngoLwesine ebusuku, ngiyakholwa. Kube yinhlanhla yami, eminyakeni embalwa edlule—edlule, ukuba ngize futhi ngibe nalo imihlangano emincane khona lapha, ngaphambi kokuba kuqale umhlangano wangempela e. . . noma ingqungquthela, njalo, iqale.

8 Futhi uMfowethu Williams ungumngane othandeka ngempela, yena noDadewethu Williams. Ngempela ngithole

indawo efudumele enhliziyweni yami ngalabobantu. Bangimema njalo ukuba ngibuye, futhi ngakho siyajabula ukugcwalisa lesosimemo kulentambama.

9 Futhi emsamo, uMfowethu Fuller, uMfowethu Jewel Rose, noMfowethu Tony Stromei waseTucson, noMfowethu Borders umphathi wethu wemikhankaso. Nomfowethu oligugu omdala o—olungileyo, uArganbright, besindawonye ezimpini eziningi ezinzima, ngapesheya komfula; ngilindele ukuhlala naye ngapesheya komfula omkhulu ngolunye usuku.

10 Angisalikhumbuli igama likamfowethu, ngizamile. Ubani igama lakho, mfowethu? [Umfowethu uthi, "Al Booher"—Umhl.] Booher, uMfowethu Booher. Ngi—ngiyabazi ubuso bakhe. Futhi awusuye ngesinye isikhathi ohumushela i . . . ["Ohumushela izithulu."] enzela izithulu. Lokho yi . . .

Futhi sijabula kakhulu ukuba nani nonke lapha.

11 Bengibuka phansi lapha nje phambi kwami, futhi ngibona abanye babangane bami abavela le eArkansas, lapha. Ngenkathi ngilapha okokuqala, nganitshela ukuthi noma kuphi lapho engangiya khona, ngangithola umuntu ovela eArkansas. Ngineqiniso, uma ngike ngingene eZulwini, ngiyothola abanye lapho abavela eArkansas, ngoba kade ngempela bengabathembekile, abantu abathembekile.

12 Manje, ngokuvamile ngikhuluma isikhathi eside, kodwa ngizame konke okusemandleni ami ukuthi ukwenza imiBhalo yami namanothi ukuze ngingakhulumi isikhathi eside kakhulu. Futhi ngifuna ukukhulekela abagulayo ePhoenix.

13 Manje, uMlayezo engi . . . iNkosi engabele wona, kungukuthi ngezinye izikhathi, niyazi, lezizinto zinokuzwela ngempela. Futhi bekungaleyondlela kuyo yonke iminyaka. Futhi ngizame konke okusemandleni ami ukuba ngihlale naLo. Kuyinto ethize. Uma ngingayikhulumanga leyonto uNkulunkulu angitshele yona, futhi ukuba ibi—bingesiyo ekaNkulunkulu, khona-ke U . . . bekungeke kube seZwini. Uma kuseZwini, nesithembiso salelihora, khona-ke ngiyezwa ukuthi ngenza lokho okufaneleyo, ngokuba ngizama kuphela ukugcina lokho Akwethembisele lelihora.

14 Futhi izikhathi eziningi uma uphambana nomunye esayenseni yabo yezenkolo, bayoxabana nawe, ngokukhulu ukushesha. Kodwa lokho akufanele kube njalo. Ngizama uku . . . ngithola abangane bami ongowawo onke amabandla amahlelo ahlukene, kanjalonjalo, angikaze ngixabane nalabo bazalwane. He, ngiyaya emabandleni abo, ndawo zonke lapho abangivumela khona ngize, futhi ngikhulume. Kodwa asifanele sixabane, ngemibono emincane.

15 Kodwa, niyazi, uma ngisho noma yini ehlukile kunalokho okusenhliziyweni yami, ngingaba ngumzenzisi. Futhi ngi—ngi . . . Makube kude! Ngingahle ngihlangane naYe

ngoluny'usuku, njengesoni, kodwa ngempela angifuni ukuhlangana naYe njengomzenzisi. Kodwa ngifuna ukuba ngoqinisileyo. Futhi uma nje ngithe, "Awu, ngizokweqa nje Lokhu ngoba bonke abanye babo bakholwa *lokhu, lokho*," manje-ke nhloboni yomuntu na? Beningeke nibe nokungethemba, futhi bengingeke ngibe nokumethemba uNkulunkulu noma mina uqobo, uma nje ngixegisa kalula kangako.

16 Noma ubani uzofanele abe nento ethize abanesiqiniseko ngayo. Futhi kungalenkathi ungasekela ukukholwa kwakho, kungenkathi unesiqiniseko. Kodwa uze uqiniseke, uma kunombuzo, uyeke kanjalo uze ube uqinisekile.

17 Manje uBilly mhlawumbe ukhiphe amanye amakhadi omkhuleko, engicabanga ukuthi u . . . Ya, ngimtshele ukuba akwenze. Futhi ngikholwa ukuthi ungitshelile, esikhashaneni esedlule, abenawo. Ndawondawo ngapho nje, ngizobiza abambalwa emgqeni womkhuleko, emva kwesikhashana, ukuba bakhulekelwe. Futhi uma ikhadi lakho lingabizwa, uma . . . Futhi libizwa, njalo, futhi ungaqinisekile ukuthi uNkulunkulu ungumphilisi futhi Uzokuphilisa, ngeke kusize ngalutho ukwenyukela lapha, ngoba ungeke uphiliswe. Wena, uma kukhona umbuzo owodwa, uthi, "Awu, manje, uma kukhona okusempilweni yami, ngifanele ngempela ngikuqondise lokhu," hamba ukulungise lokho, kuqala, bese-ke ubuyela emgqeni womkhuleko, uyabo.

18 Ngoba, ukuphiliswa kuyisinkwa sabantwana. Siyakuqonda lokho. Kusekubuyisaneni, nokubuyisana kuqala kubhecwa emiphefumulweni yethu. Nokuphiliswa njalo bekwandulela yonke imilayezo, futhi bekuyizindlela futhi zokuqoqela abantu ndawonye. Futhi yi . . .

19 Abantu abaningi bazoxhasa umhlangano wokuphilisa, abaningi bazoza emhlanganweni wokuphiliswa, noma emgubhweni wamaculo, kodwa uma sekufika emphefumulweni olahlekile ompofu ukuba usindiswe, ababaningi abantu abakhathalele lokho. Bavele nje . . . Kodwa leyo yiyonanto enkulu. Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu nemigubho yokucula, kanjalonjalo, nje yi . . . Njengoba uMfowethu Bosworth wayevamise ukuthi, "Yisicupho ehhukwini." Futhi ukhombisa ufishi isicupho, hhayi ihhuku.

20 Futhi yileyonto nje, ukuthola abantu ukuba balalele isikhashana, uze ukwazi ngempela ukwethula kubo umlayezo wakho. UNkulunkulu ukwenzile lokho kuyo yonke iminyaka, ngayo yonke iminyaka, bekuhlala njalo kunomkhankaso wokuphilisa. Futhi uma kungumkhankaso wokuphilisa wangoqobo, emva kwalowomkhankaso, njalo, ngumlayezo. Asikho neze isibonakaliso esinikezwa sibe yisibonakaliso nje; singesokubikezela umlayezo.

21 Futhi ngikholwa ukuthi into efanayo injalo, iminyaka eyishumi nesikhombisa eyedlula, noma iminyaka eyishumi nesishiyagalombili eyedlula manje, ukuthi iNkosi yangithumela phandle ukuba ngiqale ukukhulekela abagulayo. Kwenza imvuselelo enkulu phakathi kwabantu. Izinceku ezinkulu eziningi zikaNkulunkulu iphumele emikhankasweni yokuphiliswa, futhi, kodwa umkhankaso wokuphiliswa, kuwo uqobo, uma usalokhu uhlezi enkambisweni endala efanayo yalokhu obuhlala njalo uyikho, kukhona okungalungile, lowomkhankaso wokuphiliswa awuthunyelwanga uvela kuNkulunkulu. Ufanele uhehe ukunaka kuqala, niyabo, uthole ukunakwa, bese-ke kuba ngumlayezo.

22 UJesu, ngenkathi Efika, ephilisa abagulayo, kanjalonjalo, WayengumProfethi omkhulu kubo bonke babo. Kodwa ngenkathi Eqala ukubatshela iQiniso, leVangeli, ukuthi WayenguBani nokuthi Ufikela ini, khona-ke Wa—Wayengasathandwa ngabantu emva kwalokho. Futhi yileyondlela bekuhlala njalo kunjalo kuyo yonke iminyaka, futhi kuyoqhubeka ngaleyondlela.

23 Manje silapha kulentambama, bese-ke kuba kusasa ntambama kulo lelihholo elifanayo. Konke kungelesikhombisa nqo. Kunjalo, mfowethu na? [Umfowethu uthi, "Ligamenxe elesikhombisa."—Umhl.] Ligamenxe elesikhombisa, kusasa ntambama, noma kusihlwa, bese-ke kuba ngoLwesibili kusihlwa. Futhi ngicabanga ukuthi oLwesithathu kusihlwa, futhi. ["Qhabo, eRamada Inn, ngoLwesithathu."] ERamada Inn, ngoLwesithathu. Bese-ke kuba ngoLwesine, kunjalo, kuqala i—ingqungquthela. Futhi uma iNkosi ithanda, ngifuna ukuba lapha kukho konke okwakho.

24 Ngilapha, umfowenu, umsizi eMbusweni kaNkulunkulu, ukunisiza kunoma yini engingayenza. Ukuphendula umbuzo wenu, ngingahle ngingakwazi ukukwenza. Kodwa, ngokukhuleka, mhlawumbe singaqonda uma besizokhulekela phezu kwakho futhi saya kuNkulunkulu ngakho, futhi singadonsi eyethu imibono.

25 Uma ugula, ngifisa sengathi bengingakuphilisa, kodwa akukho-muntu ongenza lokho. Sekuvele kwenziwe. Ukuphilisa kulele kuwe. Ngukukholwa kwakho emisebenzini esiqediwe uNkulunkulu Ayenza eKalvari, noJesu Kristu. Futhi ngaphandle kwalokho, akukho-kuphiliswa; futhi ngaphandle kwalokho, akukho-nsindiso; akukho-bandla, akukho-hlelo, akukho-nkambiso, akukho okuthwele insindiso. UJesu Kristu, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina. *Ya*linyazwa ngesiphambeko sethu, iziphambeko," ngiyaxolisa, "ngemivimbo yaYo siphilisi*we* thina," konke kusenkathini edlule, "siphilisiwe thina." Manje, phezu kwalokho!

26 Anginalutho ngaphandle kwemizuzwana embalwa ukuba ngikhulume, kulentambama, kini, mhlawumbe amashumi amabili, imizuzu engamashumi amathathu, sizobe-ke sesenza umugqa womkhuleko. Usuku ngalunye, njengokuvamile, abantu abasha bayangena, ngakho kuzobakhona amakhadi omkhuleko amasha akhishwayo. Kodwa sizokwenza konke okusemandleni ethu, konke uNkulunkulu azosivumela ukuba sikwenze, ukukhulekela wonke umuntu ogulayo ofikayo, obefuna ukukhulekelwa.

27 Uma ikhona into enjengomuntu ongena endiza, efa, ukuphuthuma noma into ethize, ngani, ningahle nibone uMfowethu Williams, uBilly Paul, noma abanye babo ukuba babangenise endlwaneni, ukuthi abafuni uku. . .Abakwazi ukuhlala, bayafa, bafanele basizwe khona manje, awu, nibafake endlwaneni ukuze ngikwazi ukufinyelela kubo masinya impela.

28 Kodwa kungcono kakhulu, uma ungekho kulesosimo esiphuthumayo, ukuthi u—ukuthi uzovele nje uthathe izivumokholo zakho ne—nezinkolelo zakho, futhi uzifuqele nje eceleni imizuzu embalwa, isikhathi eside ngokwenele nje ukuba ulalele kulokho okushiwo ngumBhalo, bese kuthi-ke ukuthi uNkulunkulu wenzani ngalokho Athembisa ukukwenza. Nalokho kuzokwakha ukukholwa. Futhi ungeke udinge ngisho ukuba ube semgqeni womkhuleko, noma akukho-muntu okukhulekelayo. Usuvele uphilisiwe, uma nje ungakukholwa. Niyabo? Naleyo yinhloso yakho, ngukukudedela, ngukungenisa unembeza, kuwe, lokho uJesu akwenzele khona.

29 Akunasidingo ukwenyukela lapha futhi uguqe phansi, futhi ukhuleke uqede, uze u—uze usindiswe. Usuvele usindisiwe, kodwa uzofanele ukwemukele. Ukukhuleka kwakho akukwenzi. Ukukholwa kwakho yilokho osindiswa ngakho, hhayi ngomkhuleko. Kodwa, "Nisindiswa ngokukholwa." Into efanayo ngokuphiliswa. Ngineqiniso bonke bayakuqonda lokho.

30 Futhi uma kubakhona izihambi emasangweni akithi, sifuna nikwazi lokho, njengami uqobo, noma leliqembu enginalo lapha, oSomaBhizinisi beFull Gospel, asimele-nhlangano yehlelo elithize. Kuphela simele amakholwa angamaKristu kuwo onke amahlelo. Wonke umuntu wemukelekile. Siyajabula nje ukuba nani. Wena uthi, "Awu, ngikhonza ebandleni elithize, ngingakhulekelwa na?" Awudingi ngisho nokuthi uze ukhonze ebandleni, awudingi kwenza lutho kodwa yenyukela lapha futhi ukholwe nguNkulunkulu. Yilokho kuphela ofanele ukwenze. UNkulunkulu wenza konke okunye kwakho.

31 Manje, sengi—ngiligugisile. . .iBhayibheli elilodwa, selokhu ngaqala emikhankasweni yokuphiliswa, noma ngikhulekela abagulayo, njalo. EHouston, eTexas, nganikwa iBhayibheli, iminyaka eyadlulayo, iminyaka ethize eyishumi nesishiyagalombili eyedlula, nguMfowethu Kidson neqembu

lakhe. Futhi ngaligugisa leloBhayibheli, emuva naphambili, umhlaba jikelele, selize labhalwa lonke ngokuphelele, amakhasi ayaphuma kulo.

32 Nganikwa nje iBhayibheli elisha. Nento exakile . . . Angisuye owenkoloze; ngethemba ukuthi nina bantu anicabangi ukuthi kuzoba okwenkoloze. Ngenkathi nginikwa leliBhayibheli, babenencane . . . omaka abancane ababili kulo, amaribhini amancane. LiyiBhabheli elifana nenganginalo.

33 UMfowethu Kidson wanginika elilodwa laliyiScofield Bhayibheli, manje, hhayi ngoba ngivumelana noMnu. Scofield emanothini akhe. Manje, mhlawumbe abanye benu bayavumelana, abanye benu abavumelani, kodwa ngiyanazisa nje ukuthi angithathi nje iScofield Bhayibheli ngoba ngikukholwa lokho. Ngoba ulenze laba nezigaba kanjalo. Lelo kwakungelinye lamaBhayibheli ami okuqala, futhi nje ngase ngakufunda ukulifunda kanjalo. Futhi nje ngigcina iBhayibheli elifanayo. Okungukuthi, ukuba bengineThompson Chain, bekuyoba ngcono kakhulu. Bengizothola ingqikithi yami ngokukhulu ukushesha kwiThompson Chain Reference.

34 Kodwa ngenkathi ngivula iBhayibheli, iribhini encane yokuqala eBhayibhelini yayiyinto exake kakhulu, lapho eyayikhona. Kwakungenkathi uSolomoni ebusise ithempeli likaNkulunkulu, neNkazimulo kaNkulunkulu yayiyinkulu kakhulu, inkazimulo yaseShekina isendlini, kwaze kwathi abapristi ababe besakwazi ngisho nokukhonzisa.

35 Kwase kuthi-ke umucu olandelayo wawubekwe lapho khona uEzra abuya khona wayeselibusisa ithempeli.

36 Nomaka omncane wesithathu, umkami ayengithengele wona wayesewufaka eBhayibhelini, ngingazi, unegama lami kuwo, kanjalonjalo, wawubekwe kuMarku 11:22. Wavele nje wawunamathisela eBhayibhelini, futhi wawulapho-ke. Nalokho ngukuthi, "Uma nithi kulentaba, 'nqukuleka.'" Futhi nonke niyazi ngenkathi lowomBhalo wawusengqondweni yami, nina bantu beteyipu, lokho kungamhla lezozingwejeje zingena ngqo, kulokho ncamashi.

37 Kwase kuthi-ke into exakile yakho kwakungukuthi, inyoni yami engiyikhonzile, irobhini, isithombe sasisomakeni, inyoni encane inesifuba esibomvu. Njengoba inganekwane isho, ukuthi yake yaba yinyoni ensundu; kodwa kwakukhona uMuntu efa, ngoluny'usuku, esiphambanweni, futhi yamdabukela kakhulu uMuntu yaze yandizela khona ukuba izame ukudoncula izipikili yona uqobo, futhi yaba neGazi kuso sonke isifuba sayo esincane, futhi selokhu kwasukela ngaleyonkathi ibeyinyoni enesifuba esibomvu. Yileyondlela engi—ngifuna ukuhlangana ngayo noMsindisi wami, futhi, neGazi laKhe likwesami . . . ngaphakathi kwesifuba sami, enhliziyweni wami.

38 Bese kuthi-ke umhlangano wami wokuqala, uMlayezo engizowushumayela phakathi lapha, usePhoenix, eArizona. I*Phoenix* yinto engavuswa ingaveli-ndawo. Yilokho uNkulunkulu akwenzayo. Uthatha okungelutho, avuse okuthize kukho.

39 NoMlayezo wami kulentambama, unikwe isihloko, okwemizuzu engamashumi amathathu noma amashumi amane, "indida." Futhi ngifuna ukufunda emBhalweni o . . .

40 Eminyakeni embalwa edlule, ukuthi, ngangithatha iBhayibheli, ngithi nginikeze iBhayibheli, ngenkathi kuqala ngiqala inkonzo yami; futhi nje ngithathe iBhayibheli lakho, nabaningi benu bangibonile ngikwenza, nje ngilivule *kanjalo*, futhi ngithi, "Nkosi, uphi uMlayezo kimi na?" Wavuleka kuJoshuwa, isahluko 1, noma yiliphi iBhayibheli owawunganginika lona.

41 Kwaze kwathi ngobunye ubusuku umbono wafika, eniwejwayele, ngase ngilibona leloBhayibheli lehla livela eZulwini, nesandla sinokhololo esikhafini, *kanje* kwehla amavesi okuqala ayisishiyagalolunye kaJoshuwa.

42 Yilapho engifunda khona, kulentambama, ekufundeni kwami, noma ukufunda kwami umBhalo. Indikimba yami itholakala evesini 10 ne—ne . . . Ngiqonde isahluko 10 nevesi 12.

43 Ngaphambi kokuba sivule iBhayibheli, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Manje amakhanda ethu nezinhliziyo zethu kukhotheme, asicabange lokhu. Masingathi nje kube lokhu ngumhlangano ojwayelekile; sinayo leyo ngaso sonke isikhathi. Kodwa asikhuleke kuNkulunkulu, ngamunye wethu, ukuba lona kube ngongavamile, ngangokuthi uBukhona bukaNkulunkulu buzoba nathi ngokuqhubekayo kuze kuphele umhlangano.

44 Baba waseZulwini, siyabonga ngalenhlanhla enhle kakhulu enesithunzi ukuba lapha ePhoenix kulentambama, sibuthene kulelihholo elikhulu lapha, phakathi kwalababantu. Namanje nje sesizosondela eZwini. "NeZwi laba yinyama lakha phakathi kwethu." Futhi kwangathi kungenzeka futhi, Nkosi, ukuthi iZwi lizoba yinyama, Lizothulula ebandleni laKho nabantu baKho, ukugcwalisa izithembiso zehora.

45 Njengoba siqonda ukuthi si—sivala isikhathi, isikhathi siyaphela. Sihlangana-thaqa nePhakade. Futhi sisoGwini lwaseNtshonalanga. Futhi njengoba impucuko ihambile, eMpumalanga kuya eNtshonalanga, kanjalo neVangeli lihambe nayo. Futhi manje akukho-ndawo engaya kuyo kodwa ngukubuyela eMpumalanga futhi. Sekuphelele.

46 Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi leli kuzoba yihora elikhulu kithi sonke, ukuze sikwazi ukubuzwa uBukhona bukaMoya oNgcwele, uMbhali waleliZwi, ngemuva ekwakhiweni kwetabernakele lenyama; Ezibonakalisa kithi,

ekuxolelweni kwezono zethu, ukuthethelelwa kobubi bethu, nangesiqiniseko ukuthi Akazukusibalela isono ekholweni, nesiqiniseko salokho. Nokuthi futhi Uzophilisa ubuthakathaka bethu, futhi akhiphe a—abantu ezihlalweni ezinamasondo kusuke nezinduku zokuqhugela; futhi ubanike ukubona, labo abaphuphuthekile; no—nokwelulwa kwezinsuku, zalabo abafayo benezifo ezesabekayo njengomdlavuza nesifo sofuba, eseziqhubekile, nezifo izinyanga zakithi ezingenakuzithiba. Sesingaleya kwalokho, kodwa, Nkulunkulu. Wena uhamba uye ngaleya kwalo lonke ucwaningo lwesayense. Wena uhamba uye ngaleya kwakho konke ukuzindla. Kuphe izinceku zaKho, kulentambama, ukukhulunywa nokuzwiwa kweZwi laKho, endabeni ethi, *Indida*. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

47 Manje eBhayibheli, uJoshuwa isahluko 1, noJoshuwa isahluko 10. Isahluko 1 nevesi 1.

> *Kwathi emva kokufa kukaMose inceku yeNkosi, iNkosi yakhuluma kuJoshuwa indodana kaNuni, isikhonzi sikaMose, yathi,*
>
> *UMose inceku yami ufile; ngalokho suka*, futhi *uwele leliJordani, wena, nalababantu bonke, niye ezweni engibanika lona, bona abantwana bakwaIsrayeli.*
>
> *Zonke izindawo ayakunyathela kuzo amathe onyawo lwenu, ngininikile zona, njengalokho ngakhuluma kuMose.*
>
> *Kusukela ehlane nakuleliLebanoni kuze kufike emfuleni omkhulu, umfula uEwufrathe, lonke izwe lamaHeti, nakuze kube...ngasentshonalanga, kuyakuba-ngumkhawulo wenu.*
>
> *Akuyikubakho-muntu ongema phambi kwakho zonke izinsuku zokuhamba kwakho: njengalokho nganginaye uMose, kanjalo ngiyakuba-nawe: angiyikukuyeka, angiyikukushiya.*
>
> *Qina ume isibindi: ngokuba uyakubabela izwe libe yifa, engalifungela oyise ukubanika lona.*
>
> *Qina kuphela ume isibindi kakhulu, uqaphele ukwenze ngokomthetho wonke, a* mi...*akuyala ngawo uMose inceku yami: ungaphambuki kuwo ngakwesokunene noma ngakwesokhohlo, ukuba ube-nempumelelo nomaphi lapho uya khona.*
>
> *Lencwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wakho; kepha wodlinza ngayo imini nobusuku, ukuba uqaphele ukwenza njengakho konke okulotshwe kuyo: ngokuba lapho uyakuhlahlamelisa* izindlela *yakho, uyakuphumelele kahle.*

*Angikuyalile na? Qina ume isibindi; ungesabi, ungabinaluvalo: ngokuba iNkosi uNkulunkulu wakho unawe nomaphi lapho uya khona.*

48 [UMfowethu Branham manje ufunda uJoshuwa 10:12-14—Umhl.]

*UJoshuwa wayesekhuluma eNkosini mhla iNkosi inikela ama-Amori phambi kwabantwana bakwaIsrayeli, yathi ebusweni bakwaIsrayeli,* Yima e. . .*Langa, yima eGibeyoni; nawe, Nyanga, esigodini saseAjaloni.*

*Lase lima ilanga, nenyanga yahlala, abantu baze baziphindiselela ezitheni zabo. Akulotshiwe yini lokhu encwadini kaJasheri na? Ilanga lema phakathi nomkhathi, alisheshanga ukushona kungathi usuku lonke.*

*Aluzange lube-khona usuku olunjengalo ngaphambi kwalo noma ngasemva kwalo, lokuba iNkosi ililalele izwi lomuntu: ngokuba iNkosi yamlwela uIsrayeli.*

49 INkosi mayenezele izibusiso zaYo ekufundweni kwamaZwi aYo. Manje indaba kulentambama: *Indida*.

50 Manje, igama *indida*, njengoba kade ngilibheka nje futhi ngiqiniseke ukuthi—ukuthi bengiqinisile, igama *indida* lisho ukuthi, ngokukaWebster, ukuthi "yinto engakholakali, kodwa iyiqiniso." Manje, niyazi, sisizwile isaga esidala, ukuthi—ukuthi, "Iqiniso yilona elikakhulu" (bakubiza ngokuthini lokho na?) "lixake kakhulu kunenganekwane," iqiniso linjalo. Ngoba, uma umuntu ekhuluma iqiniso, ngezinye izikhathi kuxakile kakhulu.

51 Ngazi umngane wami, lowo, enhla eColorado. Babenokuhlola e, bezoba nokuhlola ezinyamazaneni amaelki. Futhi kwakukhona umhlambi wezinyamazane amaelki ezingamashumi amabili-nanye emhlambini. Nomngane wami, ngenkathi, wayekade esemuva lapho ezingela, futhi ngesikhathi abaphathi benyuka. Futhi babekhokhe inani elikhulu, ezokongiwa zazikwenzile, ngenye yalezizimoto zaseqhweni, ukuba babuyele emuva futhi babenokuhlola izinyamazane amaelki. Wathi, "Beningafanele nichithe yonke leyomali. Nginganitshela ukuthi zingaki izinyamazane amaelki ezilapho." Futhi bamhleka nje. Bathi, "Zingaki na?"

52 Wathi, "Ziyishumi nesishiyagalolunye." Wathi, "Bezingamashumi amabili-nanye, ngase ngibulala ezimbili zazo."

53 Nomphathi wamhleka. Uvunyelwe kuphela ukubulala eyodwa, uyazi. Wayesethi, wathi, "Ya, ngiyazi ukwenzile."

54 "Awu," wathi, "yilokho engikwenzile. Bekunezinyamazane amaelki ezingamashumi amabili-nanye, ngase ngibulala ezimbili."

55 Nomphathi wavele wahleka nje wayesehamba ebuyela emuva. Futhi yilokho okwakukhona, izinyamazane amaelki eziyishumi nesishiyagalolunye. Niyabo?

56 Waphendukela kimi, wathi, "Uyabo, mfundisi, khuluma iqiniso nje, abantu ngeke balikholwe." Niyabo, khuluma iqiniso nje, ngakho ngempela lixake kakhuluu impela kunenganekwane.

57 UJoshuwa lapha yiNcwadi, eqinisweni, yiNcwadi yokuhlengwa, yeTestamente eLidala. UJoshuwa, besingayithatha ngokuthi iyilokho, iNcwadi yokuhlengwa. Ngoba, ngukuthi, ukuhlengwa kunezinxenye ezimbili. Ukuhlengwa, nomaphi, kunezinxenye ezimbili. Lokho ngukuthi, nguku "phuma e" noku "ngena." Kuthatha izinxenye ezimbili ukwenza ukuhlengwa, "ukuphuma e," "ukungena."

58 UMose wayemele umthetho owabakhipha eGibhithe, futhi, kanti, uJoshuwa wayemele umusa owabathatha wabafaka ezweni lesithembiso. Enye indlela, yayingukuthi, u—umthetho nomusa kwakuyimikhakha emibili ehlukene yomyalo kaNkulunkulu. Manje, umthetho wabakhipha, uMose, futhi uJoshuwa wabathatha wabafaka.

59 Umele futhi into ethize yosuku lwethu. Manje imele, njengoba babesohambweni, bevela e—eGibhithe bengena ezweni lesithembiso, kanjalo nathi siphumile emhlabeni waseGibhithe, inxushunxushu, endleleni yethu ebheke eZweni lesithembiso. "Ekhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi; ukuba kwakungenjalo, beNgiyonitshela," uJohane 14. Uku "phuma e," ukuyo "ngena."

60 Ngumthetho osilethela ukuba siqonde ukuthi sisephutheni, kodwa ngumusa osithethelelayo. Umthetho awunathemba lo—lokuhlengwa, ngenxa yokuthi . . . nokukuqedela. Awunamusa kuwo, ngoba umthetho kuphela ukhomba ukuthi uyisoni, kodwa umusa uyakutshela ukuthi uphuma kanjani kuwo. Umthetho uyiphoyisa elikufaka ejele, kodwa ukuhlengwa yiLowo Ofika wahlawula inhlawulo yakho; wase "uphuma kuwo," wase u "ngena," emseni.

61 Kwabase-Efesu. Manje sithola into efanayo, iTestamente eLidala, ngicabanga ukuthi leNcwadi kaJoshuwa iyafanelana. Izwi elifanelanayo lakho, belingaba yilo, iNcwadi yase-Efesu yeTestamente eLidala. INcwadi yabase-Efesu yeTestamente eLidala, ibingaba yinto enhle ukwetha isihloko leNcwadi kaJoshuwa, ngoba ifanelana ngempela kulokhu.

62 Manje sithola ukuthi uJoshuwa emele umusa, noma enye inhlawulo, ukuthi kwakungeke kwabakhona ngesikhathi esifanayo umthetho owawukhona ngaso.

63 Kanjalo nayinoma yimuphi umlayezo awukwenzi, lokho kuqhubekisela abantu phambili, uke ulungelane nomlayezo osewedlula. Ungeke ukwenze. Yilapho eninenkathazo khona

namhlanje. UJesu wathi, "Ngabe noma yimuphi umuntu uyasithatha yini i—isiqephu esisha sengubo bese esifaka kwendala na? Noma afake iwayini elisha ezimvabeni ezindala na? Ziyabhubha. Liziqhumisa zivuleke." Ngeke zalimela.

64 Futhi uJoshuwa wayengeke nhlobo abe senkonzweni yakhe kwaze kwaba semva kokuba uMose esehambile. Ngakho niyalibona lona impela ivesi lokuqala lapha, "UMose inceku yaMi ifile; manje sukuma futhi uthathe lababantu ubayise ezweni lesithembiso." UMose, emele umthetho, wayesigcinile isikhathi sawo. Kungukuthi, umthetho wawususisebenzisile isikhathi sawo.

65 Baqala ukuphuma, ngempela, nomusa, okokuqala nje. Ngaphambi kokuba babenomthetho, babenomusa. Ngenkathi beseGibhithe, bengenamthetho; akukho-muntu ezansi lapho, kwakungabapristi nje, kanjalonjalo, kodwa babengenamithetho. Umthetho wawungakanikezwa. Umusa wabahlinzekela umprofethi. Kanti, futhi, umusa wabahlinzekela ukubuyisana, iwundlu lomhlatshelo. Singena kulokho kuleliviki, emhlatshelweni, igazi, ngoba lapho kubekwe ukuphiliswa kwenu. Ngakho e. . . Ukubuyisana kwahlinzekwa ngaphambi kokuba kubekhona noma yimuphi umthetho. Umusa wawuphambi komthetho, ngesikhathi somthetho, nasemva komthetho.

66 Ngakho kwakukhona uJoshuwa, emele umusa, wayehambisana ngqo nomthetho, kodwa wawungenakusetshenziswa inqobo nje uma umthetho wawusendaweni yawo efanele.

67 Futhi lenzenjalo nezwe lebandla ngalolusuku lokugcina! Lifikile, lilibambile iqhaza lalo, kodwa kuza isikhathi lapho lifanele likhawuke. Lifanele likwenze. Kuzobakhona abase-Efesu, futhi, baloluhambo, njengoba nje yayikhona eminye imihambo. Kuzofika abase-Efesu, ne-Efesu, owase-Efesu waloluhambo. Bhekisisani.

68 Lapho khona lowomthetho wawungasoze wasisindisa isoni, njengoba ngikhombile. Wawungeke. Ngakho-ke izwe lesithembiso lalimele usuku lomusa. Niyabo, wayengenakubangenisa, kulolohambo.

69 Futhi uma niqaphelile, kulolohambo, babenezigaba ezintathu zohambo lwabo. Kuqala kwakungukulungiselela ngokukholwa, ezansi eGibhithe, phansi kwewundlu lomhlatshelo. Base bewela uLwandle oluBomvu, bayongena e—ehlane, ukwehlukaniswa, okwakumele esinye isigaba sohambo.

70 Isizathu, phansi kokulungiselela, ngenkathi bonke bema ngomumo, kwase kuthi sebefika o—oLwandle oluBomvu, kwabakhona ukwehluleka futhi. Abantu abakholwanga, emva kokubona izinto eziningi uNkulunkulu ayezenzile. Babesalokhu bengakholwa. NoNkulunkulu wavula uLwandle oluBomvu

wayesebayisa phambili, esifundiswa ukuthi bonke abantu babhaphathizwa kuMose, phansi kweFu nasolwandle.

71 Manje babhaphathizwa, baphenduka futhi babhaphathizwa, futhi bayaphuma ukuba bahambe ekuphileni okusha, ezweni elisha, ohambweni olusha, phakathi kwabantu abasha, nesandla sikaNkulunkulu siphezu kwabo. Kodwa ekugcineni kwafika endaweni, kulokhu ukuhamba ababenakho, ukuthi babenganelisiwe ngukuhamba kwabo komusa. Babefanele beze entweni ethize ababengazenzela yona.

72 Manje yilapho abantu becabanga khona, namhlanje, ngokuphilisa kukaNkulunkulu, noma omunye umsebenzi othize womusa, kaNkulunkulu, ukuthi kukhona okuthize ofanele ukwenze. Wena, ayikho into ofanele uyenze kodwa ukuthi ukholwe, kholwa nguNkulunkulu nje.

73 Futhi, bona, ukuba babeqhubekile! Isithembiso abasinikwanga phansi komthetho. Isithembiso sanikwa ngaphambi komthetho, ngaphandle kwanoma yimiphi imibandela kuso, "Ngininike lelizwe, hambani ningene kulo!" Kodwa ngaphambi kokuba bafike kulesosithembiso, banquma ukuthi kwakukhona into abafanele bazenzele yona bona.

74 Futhi, ukuthi, sisakuthola lokho phakathi kwezidalwa ezingabantu. Siyathanda ukuba ngaleyondlela, "Ikhona into esifanele siyenze." Siyakuzwa lokho, ukuthi sifanele sibe nento ethize kuyo futhi.

75 Unokuthize kukho, lokho ngukuzinikela kwakho kwentando yakho uqobo, umbono wakho uqobo, entandweni nasembonweni kaNkulunkulu uSomandla, futhi sekuphelile. Yilokho kuphela okukhona. Thatha isithembiso saKhe nje, ungacabangi ngalutho olunye. Hamba ngaSo, noNkulunkulu ukwenza konke okunye kwaso.

76 Khona-ke babefuna umthetho. NoNkulunkulu njalo ukunika isifiso senhliziyo yakho; Wethembisa ukukwenza. Kodwa sithola ukuthi, ngenkathi bejika isinyathelo esisodwa ngasohlangothini lwalokho uNkulunkulu ngokwasekuqaleni ayebethembise khona, khona-ke lokho kwakuyiva enyameni waze wathi umthetho wasuswa, kwaze kwafika uJesu Kristu futhi wabethelwa ukuba asuse umthetho. Kwakuyiva enyameni.

77 Futhi noma yini ozama ukuzenzela yona phakathi kwakho uqobo, njalo kuyosebenza ukuba kukuhlazise. Kuyosebenza esicini sakho. Nje kalula kholwa nguNkulunkulu, nalokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu akwethembisa, "NgiyiNkosi uNkulunkulu Wenu Ophilisa zonke izifo zenu." Niyabo? "Uma ekhona phakathi kwenu, abagulayo, mababize amalunga ebandla." Wethembisa, "Imisebenzi Ayenzayo, iyokwenziwa ebandleni laKhe."

78 Kungani size semukele izinhlangano, kanjalonjalo, eziyobhala lokho zikususe eNcwadini na? Niyabo, ku—

kuba yiva enyameni. Futhi lapha ngesikhathi sokugcina, sihlangana nento futhi, ubuso nobuso, kukumaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, namanye, niyabo. Nina, ningeke naqhubeka; nifanele nibuyele kulo lonke iVangeli eligcwele. Lenzelwa umuntu ogcwele, ngoNkulunkulu ophelele Owenziwa inyama wakha phakathi kwethu. Futhi siyazi ukuthi lezozinto ziqinisile.

79 Manje uma siqaphela, ke, uhambo lwabo ehlane yilapho abathola khona iphutha labo elikhulu kunawo onke uIsrayeli ake alenza, kuze kube yiKalvari, kwakungenkathi (kuEksodusi 19) bemukela umthetho esikhundleni somusa. Babenomusa. Babenomprofethi. Babene—babenewundlu lomhlatshelo. Babenokuhlengwa. Babelethwe badabula oLwandle oluBomvu. Babekade bephilisiwe ezifweni zabo. Babekade benamanzi aphuma edwaleni elishayiwe. Babene—babenemana ephuma ezulwini. Yonke into ababeyidinga yayikade inikeziwe, futhi noma kunjalo babefuna enye into.

80 Manje lowo ngumfanekiso ophelele wabase-Efesu bakithi namhlanje, impela. Siphuma phansi kukaLuther; sahamba sedlula ekungcwelisweni, phansi kweMethodisti; sase singena ekubuyiselweni, phansi kwePentecoste. Impela njengoba kwakunjalo, uhambo lwasehlane. Futhi ngenkathi uNkulunkulu esikhipha, senza kahle kakhulu. Kodwa senzani na? Sasifuna ukufana nabo bonke abanye. Manje sithola ukuthi umusa yiyonanto kuphela esithatha isedlulise, neze umthetho.

81 UJoshuwa lapha ungumfanekiso wenkonzo yosuku lokugcina. Niyabo? Manje khumbulani lezozigaba ezintathu zohambo. Konke okwalo kwakhawuka, kuqala umthetho nayo yonke into kwadingeka kukhawuke, ukuze uJoshuwa... No*Joshuwa* yigama elifanayo njengoJesu, "Jehova-msindisi," owabathatha ebasusa ehlane labo bayongena ezweni lesithembiso. Manje ngiyazi abaningi babambe...

82 Futhi angifuni ukuphikisana nezifundiswa ezinkulu, kodwa abanye babambelela ekutheni izwe lesithembiso limele iZulu. Lalingeke lamela iZulu. Lalingeke, ngoba babenezimpi, nezinkathazo, nengxaki, nakho konke, ezweni lesithembiso. Alimele lona iZwe lesithembiso.

83 Kodwa niyaqaphela, ngaphambi nje kokuba bangene ezweni lesithembiso, konke okwe—kwemehluko o—okwakuvuke phakathi kwabo. Ba...Enye yezinto ezinkulu kwakunguKora. Wayengabufuni lobubuholi bomuntu oyedwa. UDathani, nokuthi benyukela kanjani phambi kukaMose futhi bazama ukumtshela ukuthi "u—umlayezo wawufanele ukuchaza *lokhu*," futhi babeka ukuhumusha okwehlukene kukho, imibono yabo uqobo yalokho okwakuyikho. Futhi bonke babhubha! Bonke!

UJesu wathi, "Akusalanga namunye wabo kodwa kwaba yilabo ababhubha."

84 Bathi, "Obaba bethu badla imana ehlane, isikhathi seminyaka engamashumi amane," uJohane oNgcwele 6.

UJesu wathi, "Futhi bafile bonke."

85 *File* kusho ukuthi "Bahlukaniswe phakade." Bafile bonke, nokho bakujabulela ukuzwa umlayezo, nokho bayijabulela imana eyawayo. Hhayi enye imana; imana yangoqobo!

86 Kodwa uma sekufika esikhathini sangenkathi uBalami ephuma nemfundiso yakhe yamanga, futhi wathi, "Sonke simunye. Asihambisani ngani ndawonye futhi sivumele abantwana bethu baganane na? Siyisizwe esikhulu. Sizonenza nibe bakhulu kanye nathi." Manje noma ubani onokuqonda okukhaliphile kokomoya angabona kahle impela leyonto efanayo ngisho nanamhlanje, bebaganisa bonke ndawonye. Futhi kwakuyisono esingenakuthethelelwa. Asizange sithethelelwe kwaIsrayeli.

Kodwa-ke uJoshuwa wavuselwa uphumo.

87 Manje siyafundiswa, eSambulweni isahluko 6, ngiyakholwa, ya, isahluko 6, seziMpawu eziyisiKhombisa. Okufanele. . . INcwadi ukuba inamathiselwe ngezimfihlakalo eziyisikhombisa, noma iziMpawu eziyisiKhombisa, iSambulo 6. Nasosukwini lokugcina, iSambulo 10, eSambulweni 10, sithola ukuthi iLawodikeya, isithunywa sokugcina sonyaka wokugcina, nangesikhathi sesiprofetho sasoe, ukuthi iziMpawu eziyisiKhombisa ziyovulwa, izimfihlakalo eziyisikhombisa, izimfihlakalo ezikasikhombisa ezazikade zishiyiwe.

88 Kuyo yonke iminyaka kwakukade kukhona okunye kwaLo okwakukade kushiyiwe. Umguquli akabanga naso isikhathi sokuLinakekela. Ngezinsuku zikaLuther, kuphela washumayela ukulungisiswa ngokukholwa. Wayesehambile, benza ibandla. Emva kwalokho kufika uWesley, washumayela ukungcweliswa. Kwakulapho. Bese-ke kufika amaPentecostal.

89 Kodwa siyethenjiswa, ngokweSambulo 10, nangokukaMalaki 4, noLuka oNgcwele 22:17, kanjalonjalo, ukuthi kuzobakhona a—abase-Efesu kulokhu. Kukhona okwethenjisiwe, bangane. Kufanele kufike abase-Efesu, ukuthi lezizimfihlakalo ezikasikhombisa zeZwi likaNkulunkulu zifanele zisombululwe. Futhi kusonyakeni waseLawodikeya lapho okwenzeka khona lokhu. Ngikholwa ukuthi si—silapho.

90 Ngikholwa ukuthi sisemathunzini ngqo okuFika kweNdodana kaNkulunkulu. Futhi njengoJoshuwa, ngaphambi nje kokuba abase-Efesu bavuswe, wavuswa kanjalo noJohane umBhaphathizi ngaphambi nje kowase-Efesu olandelayo. Futhi sithenjiswa omunye, abanye abase-Efesu. Kubikezelwe lapha emBhalweni, ngakho-ke ngicabanga ukuthi siphila kwabase-Efesu futhi. Sibuyela futhi e. . . Siyethenjiswa lokho okwashiywayo ngesikhathi saleyominyaka eyisikhombisa.

91 Manje ungeke wenezela lutho eNcwadini, noma ungathathi lutho kuYo. ISambulo 22:18 sisho njalo, "Oyokwenezela iZwi elilodwa, noma athathe iZwi elilodwa, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila." Manje ngeke sanezelela noma sisuse.

92 Ngakho ngakho-ke siyazi ukuthi uLuther wayengenakufinyelela kuKho; uWesley, kanjalonjalo, abaguquli, uKnox, uFinney, uCalvin, kwehle njalo, kanjalonjalo, abazange baLithole lonke, kodwa ababenakho kwakuyiQiniso leVangeli.

93 Kodwa manje ezinsukwini zokugcina, sinikwa ukuqonda, ngeZwi, ukuthi sizoLiqonda, ngoba kuzofika unyaka wase-Efesu kulo. Futhi silapha! Manje, indida! Ngizokushiya lokho kulenge, ngoba ngineminye nje cishe imizuzu eyishumi sizobeke sesiba nomugqa womkhuleko. Indida!

94 Kukhona abanye abantu, banamhlanje, abangakholelwa ezimangalisweni. Bathi nje ba "ngeke bakholwa ukuthi ikhona into enjengezimangaliso kulonyaka wesimodeni." Awu, angiqonde kusho noma yini embi ngalowomuntu, kodwa ngokomoya bandikindiki. Bona, bona, ba—baphuphutheke ngokomoya. Abanakho ukubona ngokomoya noma imizwa kamoya, nhlobo. Isizathu, akukho-muntu ongahlala esixukwini sabantu, lapho uMoya oNgcwele ehlela khona, akunandaba noma eyisoni uqobo, noma owesifazane, kodwa babophezelekile ukuzwa uBukhona bukaNkulunkulu, uma ubona iZwi Athembisa ukuthi liyagcwaliswa. Khona-ke ubungaba ndikindiki; futhi uma ukubona ngamehlo akho uqobo, kwenzeka, khona-ke ungabe uphuphuthekile, ngokomoya, angikhulumi ngokomzimba. Kodwa ungaba ngophuphuthekile ngempela ngokomoya, futhi ube nokubukhali, ukubona ngokomzimba.

95 Niyamkhumbula uElija ezansi e—eDothani, ngenkathi ephuma futhi washaya yonke impi ngobumpumputhe na? IBhayibheli lathi wakwenza. Futhi wabaholela ngqo ophathe, ngenkathi bengamazi ukuthi wayengubani. Futhi nokho wayenobuyena nje impela lokho ayefanele ukubukeka njengakho, kanjalonjalo, futhi waphumela ngqo kubo. Kodwa babephuphuthekile.

96 Futhi ungama eBukhoneni bukaNkulunkulu ophilayo, ungama phansi kogcobo lukaMoya futhi uWubone unyakaza, futhi noma kunjalo ngeke Ukuthinte. Ungakubona okwashiwo nguNkulunkulu, kushunyayelwe kuwe ngokupheleleyo besekе kubonakaliswa, futhi noma kunjalo ungeke ungene, "ungaLikholwa," manje-ke, lapho, ungeke usaficwa. Usuvele ufile, undikindiki, uphuphuthekile, awusekho. Base bekwenze ngokupheleleyo.

97 Izwe. Ngiyamangala, uma lowomuntu ongakholelwa esimangalisweni, ngiyamangala futhi uma bengaba kuphela

yizinto ezingakwenza, eyikho ngempela, ngabe yilabo abafakazelwe ngokwesayense na? Ngiyamangala uma ubungaba noma yimuphi usosayense, kumbe noma ubani ongakholelwa esimangalisweni, ukuba angichazele ukuthi lelizwe limi kanjani emkhondweni walo. Lisigcina kanjani isikhathi salo esiphelele, ekuzungezeni inkabazwe nangendlela elihamba ngayo, futhi nje liphelele na? Asinayo imishini, iwashi, noma yiluphi uhlobo, olungagcina isikhathi kanjalo; kuyokwehluka imizuzu embalwa njalo ngenyanga. Kodwa lelolanga lisesikhathini ngqo. Izinkulungwane zeminyaka ziyaqhubeka, alinyakazi neze; impela, ngokuphelele.

98 Ukuthi inyanga ingakwenza kanjani, izigidigidikazi zamamayela ukusuka emhlabeni, ingabe isalokhu ikwazi ukulawula ukungenisa nokuhlehla kolwandle. Ngitshele ukuthi kwenzeka kanjani kulomthala esiphila kuwo, ikwazi kanjani inyanga ukuba nomphumela phezu kwamanzi emhlabeni na? Ngokwesayense, ngitsheleni ukuthi kwenziwa kanjani. Ngeke kwenziwa, ngoba ayikho indlela yesayense yokukusho. Kodwa uNkulunkulu wabeka inyanga ukuba iqaphe ulwandle. Futhi uma inyanga iqala ukufulathela, uma umhlaba usuka uphenduka, nakhu kungena ukungenisa nokuhlehla kolwandle. Kodwa uma uvuka, ngakusasa, ubuka emuva *ngapha*, ukungenisa nokuhlehla kolwandle kubuyela endaweni yakho futhi. Kungumlindi.

"O," wena uthi, "lokho nje kusogwini lolwandle." Qhabo.

99 Lokho kusenhla le eArizona, kubuye kuyothi ngqu ngale esifundazweni saseKentucky, noma yikuphi lapho omba khona umgodi phansi emhlabathini kude ngokwenele ukuba uthole amanzi anosawoti. Uzothola, uma lokho kungenisa nokuhlehla kolwandle kuphuma, lawomanzi anosawoti ehla angene epayipini. Futhi uma ukungenisa nokuhlehla kungena, ayaphakama nawo, amakhulu amamayela avela ogwini lolwandle.

100 Besingashumayela intshumayelo kulokho. Ukuthi kukanjani uNkulunkulu, akunandaba, UseNkazimulweni kodwa izimiso zaKhe ngumphumela ofanayo ezweni lonke futhi noma yimuphi umuntu othatha isithembiso. Izimiso zaKhe ziyanikezwa. Unemithetho yemvelo, futhi—futhi ba—bazoziphatha ngokwethembeka uqobo, kusukela ePhentekoste kumbe noma yisiphi esinye isikhathi. Noma yisiphi isikhathi uNkulunkulu enza ngaso isithembiso, Usayolokhu ehlezi nalesosithembiso kungakhathaleki ukuthi abantu bakuphi, ukuthi kuqhele ngezinkulungwane ezingaki zeminyaka. Imithetho yaKhe ihlala ifana njalonjalo.

101 Ukuthi imbewu iwela kanjani emhlabathini, futhi ibole, nokubuye iveze ukuphila. Kubukeka sengathi, uma ibizoke ize iveze ukuphila, ibizoba lapho uma isesimweni sayo esiphelele.

Uma ukuphila kwake kwaba kuyo, manje-ke kungani ingeke yavela nje na? Ifake emhlabathini, ukuphila kuyaqhuma. Kungani konke lokho okuzungeze lokho kuphila, konke okuzungeze leyombewana okungekho-muntu ongathola, ukuthi kukanjani ukuthi sonke isakhi esizungeze leyombewana kumele sife na? Ukuze iqhume ibe ngukuphila okusha. Kodwa yonke into eyizungezile ifanele futhi ife futhi ibole, ngaphambi kokuba iqhume iphile.

102 Kunjalo nangomuntu ngamunye. Inqobo nje uma kusekhona noma yimiphi imijovo yabantu, imibono yabantu, khona-ke imbewana yokuphila kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, ngeke usebenze. Ungeke waphiliswa inqobo nje uma kukhona iqhezwana ndawondawo, ukuthi ayikaboli; isenayo yonke imisuka yomuntu, yonke imiqondo yesayense, zonke i "zinsuku zezimangaliso selwedlule," kubizwa kanjalo. Konke lokho kufanele, konke; kungafi kuphela, kodwa kubole, bese kuthi-ke kusukela lapho kumila imbewana yokuPhila ekuphileni okusha. Yileyondlela kuphela engamila ngayo.

103 Yingalesosizathu singakutholi esikucelayo. Sizama ukuthatha, nathi, okuningi kakhulu kwemibono engeyethu.

104 Yingalesosizathu ibandla lamaLuthela lingazange liqhubeke ledlule kunalokho elakwenzayo, amaPentecostal nabanye; ngoba bajova, ngesigejane sosiyazi bezenkolo, "*Lokhu* bekungafanele kube ngalendlela. *Lokhu* ngokolunye usuku. Na *Lokhu* kwakungowalowo." Kuhlala lapho-ke. Kungeke kwakhula kube yilowomfanekiso ophelele kaKristu lize lithi lonke iZwi likaNkulunkulu lemukelwe lingene kuwe, bese-ke uba yileloZwi. Linjengembewu nje eyangena emhlabathini.

105 Ngithanda bachaze amaHeberu 11:3. Usosayense omkhulu kunabo bonke esake saba naye, ngokwazi kwami, kwakunguEinstein. Ngenkathi lapha esikhathini esingeside esedlule, eNew York, ngangilalele lokho ayekushilo. Futhi wayekhuluma ngomthala, nokuthi wawuphume wakude kangakanani, futhi wafakazisa ukuthi kwakukhona iPhakade. Ukuthi kanjani umuntu, ehamba amamayela ayizigidi ezingaka ngehora, bekungamthatha angaka, noma iminyaka yokukhanya okuyisigidi ngehora, bekungamthatha iminyaka engaka ukufika lapho, okukodwa, izinkulungwane ezingamakhulu amathathu noma into efana naleyo, bese-ke kuba yizinkulungwane ezingamakhulu amathathu ukubuya. Bese-ke efakazisa ngakho, ngandlela-thize, ukuthi indoda yayisihambe kuphela emhlabeni iminyaka engamashumi amahlanu. IPhakade!

106 Nalowo ngumthala omncane nje, ngenkathi uNkulunkulu eyiphephetha esandleni saKhe! IBhayibheli lasho! NoEinstein ekugcineni waphetha ngalokhu, "Yinye kuphela indlela noma yimuphi umuntu angachaza ukuqaleka kwalelizwe, leyo itholakala kumaHeberu 11:3. 'Siyaqonda ukuthi amazwe

adatshulwa ngeZwi likaNkulunkulu.'" Kunjalo impela. Isayense ingeke ngisho ikuthinte. Bese-ke uthi awukholelwa esimangalisweni na? Ubungakwenza kanjani na?

107 Wayengakwenza kanjani ukuba noma yimuphi usosayense ake achaze imvula kaNowa, lapho kwakungakaze kwehle neconsi lemvula phezu komhlaba kwaze kwaba yilolosuku na? Kodwa uNowa wathi iyoba khona imvula! Futhi ngenkathi imvula kaNowa ifika, iphambene nayo yonke isayense; kwakungekho-mafu phezulu lapho, yayingakaze ibekhona imvula phezulu lapho. Babengafakazisa ukuthi kwakungekho-mvula phezulu lapho. Kwase kuthi-ke ngenkathi uNkulunkulu evula amazulu futhi wathulula i—impophoma eyagugula umhlaba, leyo kwakuyindida; ukuthi akuthathwa ngengqondo ngempela kanjani, akuchazeki. Kodwa siyazi ukuthi uNkulunkulu wakwenza, ngoba iBhayibheli lasho njalo. Futhi sinobufakazi obubonakalayo emhlabeni, namhlanje, ukuthi kwakunjalo. UNkulunkulu wakwenza. Leyo kwakuyindida.

108 Ngenkathi uNkulunkulu ethatha indoda endala, egama linguAbrahama, eneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala; nomkakhe, enamashumi ayisithupha-nanhlanu, iminyaka eminingi esedlule isikhathi sokuphila, ukuyeka ukuya esikhathini. Futhi ngenkathi Ethatha leyondoda futhi wayinika isithembiso, ineminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala; kulona wesifazane ayemganile, udadewabo—wabo inxenye. Futhi wayehlale naye kusukela eseyintombazane; babeshade ngenkathi cishe eseyi—yitshitshi, futhi lapha wayeseneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala. Wayesethi, "Uzoba nengane ngalo wesifazane."

109 Futhi ukuba-ke uAbrahama wayethe, "A—a—angikholelwa ezindideni. A—angeke nje ngakwemukela lokho"? Kwakungeke kwenzeke.

110 Kodwa, niyabo, uma uthi ukholwa noma yini, khona-ke ufanele ukufake emnyakazweni. Manje-ke uAbrahama wayalwa ukuba azehlukanise nakho konke ukungakholwa, futhi ahambe noNkulunkulu yedwa. Futhi esikhundleni sokuya ngokuba buthakathaka, waya ngokuqina. Futhi kwathi eseneminyaka eyikhulu ubudala, noSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye, ingane iyafika.

111 Wayengayithatha kanjani uAbrahama indodana yakhe, le emuva uhambo lwezinsuku ezintathu, mhlawumbe amamayela angamashumi ayisishiyagalolunye kunoma yiyiphi impucuko, phezulu esiqongweni sentaba lapho iNkosi yayimkhombise khona, ahambe ayonikela ngendodana yakhe uqobo, uIsaka na? UIsaka ethwele izinkuni, njengoba sazi, okungumfanekiso kaKristu. Naphezulu kulentaba wayezonikela ngoIsaka njengomhlatshelo, futhi ngenkathi egcwalisa yonke into

uNkulunkulu amtshela yona kodwa ukugwaza indodana yakhe uqobo ife, emphinjeni wayo, ngenkathi ehosha ummese emgodleni futhi waphakamisa isandla sakhe ukulalela uNkulunkulu, ezwini! Ngokuba iBhayibheli lasho, ukuthi, "Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayengenakusenza isithembiso ngaphandle uma Ayesigcina. Futhi wamemukela njengovela kwabafileyo, ukuthi Wayekwazi ukumvusa kwabafileyo futhi abuye amnike yena."

112 Futhi lapho esekulungele ukulalela uNkulunkulu, ekugcwaleni kwalo, Wabamba isandla wayesethi, "Zithibe, Abrahama." Futhi kwakukhona inqama ihhukiwe ehlane, ngasemivinini, ngezimpondo zayo, esiqongweni saleyontaba, lapho okukhona amabhubesi, izimpisi amanehi, izimpisi, amakhanka, nezilwane ezinkulu eziyizidlova ezingayidla imvu. Futhi manje-ke wayephezulu esiqongweni sentaba lapho okungekho-manzi khona. Leyomvu yafika kanjani lapho? UAbrahama wayecoshe amatshe macala onke, ukwakha i— ialtare. Kodwa inqama yayilapho, empeleni. Kwakuyindida.

113 Futhi noma yimuphi umuntu omkholwayo uNkulunkulu futhi oMthatha eZwini laKhe, kungenandaba ukuthi isimo sinjani, uNkulunkulu uzokwenza enye indida, ukugcina iZwi laKhe. Ngokuba, uAbrahama wabiza indawo ngokuthi *Jehova-jira*, "iNkosi Izibonele ngokuhlinzeka umhlatshelo." Usengabangela ukuba indida yenzeke. Angakwenza lokho kulentambama, uma nje nizoMthatha eZwini laKhe.

114 UDanyeli, emphandwini—mphandwini ogcwele amabhubesi alambile, kwakungenzeka kanjani ukuthi lowomuntu . . . Kwakungenzeka kanjani ukuthi lowomuntu, phezu kwamabhubesi alambile, ahlale emgedeni nawo, ubusuku bonke, ngaphandle kokulinyazwa na? INgelosi yeNkosi, ingabonakali kunoma ubani omunye, yayimi lapho. Kwakuyindida. Into ethize yayifanele ilivimbe lelobhubesi ukuba lifinyelele kuye.

115 Ngenkathi abantwana bamaHeberu beyongena esithandweni somlilo, lokho kuphambene nakho konke ukuqonda kwesayense, kulowonyaka omkhulu. Kwakungesikho okwesayense kumuntu ukuba aphoswe esithandweni, esasikhona, ukuthi indoda ibenyusela lapho yabhubha, futhi bawela phakathi esithandweni futhi bahlala kulesosithando isikhashana, nento kuphela esayenzayo sabaqaqa emaketangweni abo. Leyo yindida. Kwakungachazeki, akuthathwa ngengqondo, kodwa nokho kuyiqiniso.

116 Nangu uJoshuwa, esikhuluma ngaye. Ukuthi yaba kanjani leyondoda, indoda ejwayelekile eyayisanda nje kwedlula e— e—eqenjini lezivumokholo indoda eyayizibumbile, nemithetho nomgubho, engenalutho kuyo esho noma yini ngokunika indoda amandla ukuba imise ilanga. Kodwa lapha, inokuthunywa

okuvela kuNkulunkulu, "Ngiyakuninika sonke isiqephu somhlaba amathe onyawo lwenu anyathela kuwo. Ngiyoba lapho." Nesitha sachithwa.

117 Ilanga lase liyoshona. Uma lawomakhosi ayenesikhathi sokuqoqana ndawonye futhi ngosuku olulandelayo, impela wayezolahlekelwa yindoda. Kodwa uJoshuwa wayazi ukuthi wayedinga ukukhanya kwelanga. Futhi wabuka phezulu elangeni, wayesethi, "Yima uthule phezu kweGibeyoni. Futhi, nyanga, yima lapho phezu kweAjaloni." Futhi isikhathi esiwusuku lonke, lobo kwakungubusuku bonke, ilanga lama lathula nenyanga yama lapho. Leyo yindida. Indoda ihamba entandweni kaNkulunkulu yakwazi ukwenza into enjengaleyo, ngokuba yayise . . . yayise—se-Efesu futhi, kowase—se-Efesu ne—neVangeli. Impela, kwakuyindida.

118 UMose nenduku esandleni sakhe, ukuba ehle futhi akhulule abantwana bakwaIsrayeli, kwakuyindida, ngenkathi iGibhithe yayinawo onke amabutho nendoda yabo eqeqeshwe kahle. Kwakuyindida.

119 Ukuzalwa yintombi kwakuyindida. Yayingakwenza kanjani intombi, kuphambene nakho konke ukuqonda kwesayense, owesifazane owayengazi-ndoda, akwazi ukuzala umntwana; futhi kungesuye umntwana kuphela, kodwa uEmanuweli, Owafakazisa ukuba abe yikho impela okwathi uyoba yikho. Kwakungenzeka kanjani lokho na? Kwakuyindida. Ngoba, uNkulunkulu wakhuluma kumprofethi waKhe, amakhulu eminyaka ngaphambili, nomprofethi walilalela iZwi likaNkulunkulu, neZwi lakhulunywa. "ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Futhi siyakukholwa lokho. Impela, kwakuyindida.

120 Ukuthi Wayekwazi kanjani ukuhamba phezu kwamanzi, lokho kwakuyindida. Isidalwa esingumuntu, ngokosayizi wezinyawo zenu, wayengekwenze lokho. Kodwa Wakwenza. Kwakuyini na? Okungachazeki, kodwa nokho kwakuyindida. UNkulunkulu wakwenza. Siyakukholwa.

121 Wapha abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, ngezinhlanzi ezimbili namabheskidi amahlanu na? Kodwa Wakwenza. Akandisanga izinhlanzi kuphela, kodwa izinhlanzi eziphekiwe; kungesizo izinkwa kuphela, kodwa izinkwa eziphekiwe. Wayewaphendula kanjani amanzi abe yiwayini na? Konke indida!

122 Waphilisa abagulayo, okungukuthi, abanochoko. Okungukuthi, abanalutho, kulolusuku, isayense ayinakho, ukwelapha uchoko, kodwa uJesu walwelapha ngeZwi laKhe. Kwakuyindida.

123 Futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. IZwi laKhe lisabaphilisa abagulayo. Kuyindida, impela.

124 Wavusa abafileyo, emva kokuba ukuphila okufayo kungasekho kubo; uLazaru, indodana yowesifazane waseNayini, nendodakazi kaJayiru. Wavusa abafileyo, ngeZwi laKhe, ngoba UyiZwi.

125 Bese kuthi-ke enye into enkulu, sengivala, ukufakazisa ukuthi WayenguMesiya. Ukufakazisa lokho Ayeyikho, Wadingeka afike ngokuhlelekile, nempendulo, eZwini. NeZwi lathi, ngenkathi Ekhuluma kubaprofethi. "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami."

126 Kwakukade kukhona indoda amaningi avuswayo. Futhi kwakukade kukhona, amakhulu ngamakhulu eminyaka, babengenamprofethi. O, babekade benababapristi nendoda enkulu, futhi njengoba sifunda umlando phakathi kwesikhathi sikaMalaki noMathewu, iminyaka engamakhulu amane, kwakukade kukhona indoda enkulu. Kodwa kwakungekho-mprofethi.

127 Bese kuthi-ke ngenkathi Efika enkundleni, ukufakazisa ukuthi Wayeyilabo base-Efesu bebonakalisiwe, uJohane wakumemezela. Kodwa uJesu wayeyiLokho, WayeyiZwi elibonakalisiweyo, qobo lwaKhe.

128 Ngenkathi uPetru efika kuYe ngoluny'usuku, noAndreya, igama lakhe kwakunguSimoni. Futhi ngenkathi uJesu emi lapho, engakaze ayibone indoda empilweni yaKhe, (lalelisisani) ngenkathi Emi lapho futhi wayibuka indoda, wayesethi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase." Leyo yindida. Impela kwakuyiyo. Ngempela kwakuyindida.

129 Futhi ngenkathi uFiliphu, emi lapho, wakuzwa lokhu futhi wazi ukuthi konke ukukhombisa ukuthi lona wayenguMesiya, wayenguye ngempela. Wakukholwa. Wayengendikindiki, kanjalo wayengaphuphuthekile. Ugijima ejikeleza usebe, amamayela ambalwa, wayesethola umngane wakhe, othiwa uNathanayeli. Futhi ngenkathi eza enyuka . . . Ukukholwa kwaleyondoda, eyakwazi ukuletha enye emhlanganweni, ukuzobona!

130 Ngenkathi yenyukela phambi kukaJesu, uJesu wathi, "Bheka, nango umIsrayeli, okungekho-nkohliso kuye."

131 Kwayimangalisa indoda. Yathi, "Uke wangazi nini na?" Manje bhekisisani, lokhu akuthathwa ngengqondo. Aku—akuchazeki. Yathi, "Uke wangazi kanjani na?"

132 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Indida!

133 Wayenesidingo, sokuya ngaseSamariya. Futhi ngenkathi Eya ngaseSamariya, umuzi waseSikari, Wayehlezi phandle lapho elindele abafundi baKhe ukuba bangene bayothenga ukudla. Futhi, qaphelani, owesifazane uyaphuma uya emthonjeni,

wodumo olubi. Wayesethi kuye, “Sifazane, hamba uNgiphuzise, noma Ngiphuzise.”

134 Wayesethi, “Akusilo isiko ukuba Wena ucele lokho. Thina, ngingumJuda . . . noma umSamariya, futhi Wena ungumJuda. Asi—asidlelani naWe.”

135 Wathi, “Kodwa uma bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye!” Bhekisisani lendida ilungiselela ukwenzeka. Ningakugeji. Wathi, “Ungakwenza kanjani—kanjani, usho lokhu na? Mina, ngingowesifazane waseSamariya, futhi Wena ungumJuda. Asidlelani.”

136 Wathi, “Kodwa uma ubuwazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, noma Ubani obekhuluma nawe, u—ubuyocela kiMi amanzi.” Futhi Waqhubeka waze Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona. Wayesethi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wayesethi, “Anginandoda.”

137 Wathi, “Yiqiniso lelo. Awunandoda, ngoba ubunayisihlanu, naleyo ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Ngakho-ke, usho iqiniso.”

138 Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena.” Babengakaze bambone oyedwa amakhulu eminyaka. Wathi, “Siyazi u—uMesiya uyeza, futhi, uma Efika, Uyositshela lezizinto.”

Wathi ngingu Ye.”

139 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kwakuyindida iqinisekisiwe, futhi itholakala iyiQiniso leVangeli; iVangeli elalethenjiswe lokhu, futhi lapha kwenzeka futhi kwaqinisekisa ukuthi kwakuyini.

140 Manje ake ngininike indida enkulu edumile lapha, umzuzu nje. KuJohane 14:12, uJesu wathi, wethembisa lokho, “Ikholwa elaliMkholwa, liyokwenza imisebenzi efanayo.” Kunjalo na? UNkulunkulu, Owenza umthetho noma isithembiso, ufanele asigcine lesosithembiso, ukuba abe nguNkulunkulu. Uyasigcina. Ukucabanga, uNkulunkulu . . . Ngani, Siyindida, qobo lwaSo; sikaNkulunkulu, Owenza isithembiso futhi ongenakusephula lesosithembiso, ukunikeza lesosithembiso sezinto Azenzayo, kubantu baKhe, ukulandela wonke unyaka aze Abuye futhi. “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo; konke okudaliweyo, izwe lonke. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa, nongakholwayo uyakulahlwa; nalezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Uzofanele aligcine leloZwi. Futhi ngoba Wakusho, kwakusuka emlonyeni waKhe, kuzofanele kugcwaliseke.

141 Wonke umBhalo uzofanele ugcwaliseke. Ngakho kuyindida, kodwa, ukuzwa uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, enza inkulumo-mbiko enjengaleyo, “Izinto engizenzayo Mina nani

niyakuzenza." Manje iBhayibheli lathi, kumaHeberu 13:8, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Leyo yindida, ngoba kuzofanele kwenziwe. "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa akukho nalinye iZwi engake Ngalisho eliyoke lehluleke." Washo. Kuzofanele kwenziwe.

142 Manje, bangane, ngikholwa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngikholwa ukuthi Ukwazi nje impela kulentambama ukubangela, kulendlu, indida, ngenxa yokuthi Wethembisa ukuthi kwakuzokwenzeka.

143 Futhi Wethembise kakhulu kangakanani, kushiya kakhulu kangakanani eBhayibhelini, kuwo impela lonyaka esiphila kuwo, abase-Efesu futhi, beminyaka yebandla. Sineminyaka yebandla eyisikhombisa, futhi siyethenjiswa ukuthi oNyakeni weBandla laseLawodikeya kuyobakhona omunye wase-Efesu. Kunjalo. Futhi silapha. Ngiyakholwa, ngayo yonke inhliziyo yami, lowoJesu Kristu Owenza isithembiso.

144 Njengoba ngasho emlayezweni wami wokugcina, ngimi lapho ngencike kulolodonga, ngenkathi ngilapha amaviki ambalwa edlule. Ngaso sonke isikhathi onyakazisa ngaso umunwe wakho, lokho kuhamba kujikeleze kujikeleze umhlaba, akusoze kwama. Noma yikuphi ukunyakaza okwenzayo, uyokubona ekwaHlulelweni. Itelevishini iyafakazisa ukuthi ilapha, ezingeni lesine. Isizathu, itelevishini ayisikhiqizi lesosithombe, kuphela ifaka emgudwini lelogagasi lingene eshubhini, futhi ubona isithombe. Umbala, yonke into, yonke into enyakazayo eyenzeka ezweni, iyajikeleza iphumela khona lapha manje, yenza irekhode. Ngoluny'usuku, irekhodi lakho lizovalwa, futhi uzophendula kulelorekhode. Kunjalo.

145 Nkulunkulu, manginamekwe phaqa kakhulu, mangife kakhulu kimina uqobo nanoma yini engizungezile, kodwa ngibe nokuzwa ngeZwi likaNkulunkulu liphila phakathi kwethu namhlanje!

Asikhuleke.

146 Nkosi Jesu, Wena uyindida, ngenkathi uNkulunkulu enziwa inyama. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi UzoZibonakalisa kulentambama, ufakazisa kithi namhlanje. Ungafakazi kuphela kithi...Kukhona, ngithi, amapensente angamashumi ayisishiyagalolunye, noma ngaphezulu, abantu abahlezi lapha, abakukholwayo lokho, lonke iZwi. Kodwa ukuze siKubone futhi, futhi sazi ukuthi leliZwi Owalikhuluma, elisalokhu lihamba lijikeleza lijikeleza umhlaba, njengerekhode nje, asingene kulelorekhode, namhlanje, Nkosi. Asingene futhi singalizwa sengathi nje beliza lingelesibili, emlonyeni womuntu; kodwa makuthi lowomlomo, nomuntu nabantu, bonke behlezi lapha, babe yiZwi laKho. Silungele ukufa, Nkosi, emibonweni engeyethu, nje ukuKubona ugcina isithembiso saKho, "Izinto

engizenzayo Mina nani niyakuzenza." Ngikhulekela ukuthi Uzopha lokhu eGameni likaJesu. Amen.

147 Ngaphambi nje kokuba sibize umugqa womkhuleko. Ngangidla kancane uayiskhrimu ngeliny'ilanga, nodokotela omdala ongumngane wami. Wathi, "Kukhona engifuna ukukubuza khona, Billy."

Ngathi, "Kulungile."

148 Wathi, "Uyakholelwa e. . . " Yilapho engathola khona lomcabango, *indida*. Wathi, "Uyakholelwa endideni na?"

Ngathi, "Impela."

149 Wathi, "Ngi—ngiyazi uyakholelwa." Wathi, wangitshela ngomuntu othize owayekade ephilisiwe, wayekade ekhulekelwe; ayekade emthengisele imithi yokwelapha isithuthwane, iminyaka, ngezinye izikhathi babeba nokubambeka okuyisikhombisa noma okuyisishiyagalombili ngosuku; imithi enamandla. Wayesethi, "Ababange besabuya. Futhi ngiyababona ngaso sonke isikhathi; akaphindange abenakho." Wathi, "Kukhona engifuna ukukutshela khona, ukukwazisa nje ukuthi ngi—ngiyakukholwa okhuluma ngakho."

150 Wathi, "Ngesikhathi sokucindezeleka, indodana yami manje ibingale kwesitolo." Wathi, "Ibi—ibilindele uhlobo lomfo omncane, nje wathi u. . .Bayithumela ezansi emgqeni, iyofuna umuthi." Wayesethi, "Indoda yenyukela lapha, futhi yayinomkayo," wathi, "owesifazane omncane, ube. . . Ubungambuka futhi ubone ukuthi ubesezobeletha noma ngasiphi isikhathi, umntwana." Wayesethi, "Nje akabange esakwazi ukuma kulowomugqa, ngakho wa—wangenisa umkakhe emnyango, nje encike ehlombe lakhe."

151 Wayesethi, "Umfana wami wenyuka, wathi, 'Ngingakusiza na?' Wathi, 'Yebo,' wathi, 'nasi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esivela kudokotela. Kodwa,' wathi, 'ngifuna ukukucacisa kuwe.' Wathi, 'Ngi. . .asikabi nayo imali okwamanje.' Wathi, 'Sizoyithola esifundeni sezwe, kodwa umkami akasakwazi ukukumela. Udokotela uthe ufanele athole umuthi masinya.' Wayesethi, 'Uma nje uzomnika umuthi, ngizoya lapho ngqo futhi ngime emgqeni ngize ngi—ngithole imali esifundeni sezwe.'

152 "Nomfana wathi, 'Mnumzane, ngiyaxolisa.' Wathi, 'Kuyaphikisana nemigomo yethu—yethu lapha, ukukhipha umuthi ngaphandle kokuthola imali.' Niyazi ukuthi izikhathi sasinjani ngalezozinsuku. Wayesethi, 'Ngi—ngiyamdabukela, kodwa angikwazi ukukwenza.'"

153 Wathi, "Bengihlezi ngemuva lapha ngifunda iphepha. Ngase ngibheka phezulu, futhi," wathi, "into ethize ngokuxakile yafudumeza inhliziyo yami." Wathi, "Ngenyuka, ngathi, 'Awume kancane, ndodana, awume kancane.' Indoda yaqala

ukuphuma ngomnyango, wathi, 'Awu, kulungile, ndodana,' yaqala ukuphuma ngomnyango." Wathi, "Ngathi, 'Umzuzu nje,' wathi, 'bekuyini lokho na?' Wathi, 'Awu, lendoda . . . ' Wakuchaza kimi."

154 Wathi, "'Ake ngibone isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo,' Wathi, 'Awume kancane nje, ndodana, ngizokutholela umuthi.'"

155 Wathi, "Ngabuyela emuva ngaqhubeka ngase ngixuba isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo udokotela ayewunqumile ephepheni lakhe." Wayesethi, "Ngenyukele lapho, futhi ngaba na leyomali." Wathi, "Ngamnikeza wona, ngingazi noma ngiyoyithola noma qha, kodwa ngicabange nje ukuthi ngiyoyithola." Wathi, "Ngezwa nje ukuthi ngifanele ngikwenze." Wayesethi, "Billy, ngenkathi ngifaka lowo—lowomuthi esandleni salowo wesifazane," wathi, "bekuyiNkosi uJesu." Wathi, "Ngibone iNdoda imi lapho." Wayesethi, "Ngifundile kamuva, ukuthi umBhalo wathi, 'Enikwenze kulaba abancinyane, abancane baMi, nikwenzile kiMi.'" Wathi, "Billy, kwenzekeni emehlweni ami na? Ngabe ngakubona ngempela na?"

156 Ngathi, "Yebo, mnumzane. Ngiyakukholwa. Ngikholwa ukuthi uwugcwalise kakhulu umsebenzi wakho njengosokhemisi, ekuphuthumeni okudingekayo kwalokho. UJesu wathi, 'Enikwenzile kulaba abanye, nikwenzile kiMi' Ngiyakukholwa."

157 Futhi ngiyayikholwa leyonto efanayo namhlanje, khona lapha ikhona nabantu, ukuthi uJesu Kristu Angazibonakalisa, Azenze iZwi elenziwe inyama phakathi kwethu kulentambama. Nizokukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] INkosi inibusise.

158 Manje sizobizela amakhadi omkhuleko, ukuba abantu beze. Futhi asikwazi ukuthola abaningi kakhulu, ngoba ngiyacabanga manje, uma ngibuka iwashi kahle, nginemizuzu engamashumi amabili-nanhlanu size sivale nje ngelesine nqo, ngesikhathi, kodwa sizoqhubeka. Manje asiqale ekhadini lomkhuleko, ngikholwa ukuthi bekungu A. Bekungesuye na? UA, asihambe sisuke ku A, wokuqala.

159 Ubani onekhadi lomkhuleko A, wokuqala na? Sikubiza nje kanye ngesikhathi, ngakho uma ukhubazekile singakuqukula. Kulungile. Ikhadi lomkhuleko A, wokuqala. Ubani onalo, phakamisa isandla sakho, ndawondawo endlini na? Ikhadi, endle leni emuva le ngemuva. Ungeza, nenekazi, uma ungeza. Owokuqala, owesibili, ubani onekhadi lomkhuleko lesibili na? UA, wesibili, ungasiphakamisa isandla sakho uma u . . . Uyakwazi ukuhamba na? Kulungile, woza khona ngapha, yana ngakulelicala. Owesithathu. Uma uzophakamisa isandla sakho khona manje, ngi—ngingakuthola, asizukulinda isikhathi

eside kakhulu. Ikhadi lomkhuleko lesithathu, ungasiphakamisa isandla sakho. Kulungile, indoda ezansi lapho. Kulungile, woza ngapha, mnumzane.

160 Ikhadi lomkhuleko lesine, ungasiphakamisa isandla sakho masinya manje, nje ngokukhulu ukushesha okungenzeka. Ikhadi lomkhuleko lesine. Kulungile. Elesihlanu. Njengoba ngibiza nje, usukume, elesihlanu. Kulungile. Elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi—shumi. Manje, elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine . . . Eleshumi, kulungile. Eleshumi nanye, eleshumi nambili, eleshumi nantathu, eleshumi nane. Bekunguwe ozayo, mnumzane, eleshumi nane na? Kulungile. Eleshumi nane, eleshumi nanhlanu. Awu, lokho, lokho kuzoba . . . Lokho kuzokwenela khona manje, lokho kuzokwenela okwalentambama, ngoba asinaso isikhathi esiningi kakhulu.

161 Manje bukani. Ngifuna ninginakisise. Manje, uJesu wenza lesisithembiso, ukuthi, "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina." Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] I "zwe," i*zwe*, ku "luhlelo lezwe." Niyabo, lokho, Wayazi ukuthi bayochezukela ezimfeshinini nezinto. "Kepha ngeke besaNgibona, nokho niyakuNgibona nina." Ngokuba Wethembisa, "Ngiyakuba nani, kuze kube sekupheleni kwezwe." Kunjalo na? ["Amen."] NeBhayibheli lathi, amaHeberu 13:8, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Niyakukholwa lokho na? ["Amen."] Leso yisithembiso.

162 Manje, awudingeki ukuthi uze ube phezulu lapha, ukuze uphiliswe. Into kuphela odingeka uyenze ngukuthi ukholwe leloZwi ukuthi liyiQiniso. Manje ngizonicela, uma nithanda, ukuba nje nihloniphe futhi nithule imizuzwana embalwa.

163 Ngabe bangene bonke, Billy na? Kunababili abangaphandle, abathathu abangaphandle na? Uthini? [Umfowethu uthi, "Abanye abathathu."—Umhl.] Abanye abathathu? Elesithathu, ikhadi lomkhuleko lesithathu. Ini, kanjani, yini igama lesiMexico lalokho, elesithathu na? Ukhona ongalisho na? [Omunye uthi, "tres."] Kulungile, impela balizwile. Ini, lelo, noma ubani onalelokhadi lomkhuleko, ngena emgqeni, uzongena? O, ya. O, ngicabanga ukuthi bekungumuntu onalo, futhi ubengazi, futhi babuyele emuva. Kulungile. Manje, manje kunjani nge . . .

164 Ngabe wonke umuntu uyakholwa manje ngayo yonke—ngayo yonke inhliziyo yakho na? Awu, asikhuleke futhi-ke.

165 Nkosi Jesu, manje siyaqonda ukuthi singalifunda iZwi, ngawo onke amandla okwazi kwethu, siLichaze. Kodwa, Nkosi, Nguwe Wedwa kuphela ongaLiqinisa. Nguwe Wedwa kuphela ongasho ukuthi Liqinisile noma linephutha. Futhi, Baba, ngiyakhuleka namhlanje ukuthi Uzovumela amehlo abantu

avuleke. Kwangathi singabona indida kulentambama, nje, Nkosi, kwenele ukuvumela abantu babone ukuthi Ukhona, ukuthi Awu—wuphumile ekubeni khona, ukuthi iZwi laKho liyilo izolo, namuhla, naphakade. Ngokuba, UyileloZwi. Ngenxa yabagulayo, Nkosi, ngenxa yalabo abahluphekayo; abaningi mhlawumbe bavela ezinxenyeni ezehlukene zezwe, izinxenye zesizwe, bafanele . . . bahlupheka kanjalo, bebengeke bawujabulele umhlangano, ngamany'amazwi, ukuba abaphiliswanga. Ngikhulekela ukuthi Uzobaphilisa. Siphe khona, Nkosi. Futhi manje siyizidalwa ezingabantu ngokwenyama, futhi kuphela singashumayela iZwi futhi sisho lokho Othe kuyiQiniso, manje UnguYe ongakwenza kube yikho ngempela. Ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona, eGameni likaJesu. Amen.

166 Manje ngithanda nje ninginakisise, umzuzwana nje, futhi uma wonke umuntu ezohlala nje manje imizuzu embalwa. Manje, ngokwazi kwami, kusobala, angazi muntu engingambona e—endlini, engingamazi phandle lapho. Manje, awudingi ukuba ubelapha ukuze uphiliswe, noma ubani uyakwazi lokho. Niyabo?

167 Kwakukhona owesifazane omncane, ngesinye isikhathi, akakwazanga ukulithola ikhadi lomkhuleko, besingasho njalo, futhi wathinta ingubo yaKhe. Wayesejika wayesebheka, wayesethi, "Ubani oNgithintile na?" Futhi bonke bakuphika. Wayeseqalaza wayesembona owesifazane omncane. Wayengenakuzifihla, ngoba, niyabo, uMoya kaNkulunkulu, owawukuYe, waMhola. WayeyiZwi. Futhi Waholela kuye ngqo, futhi Wamtshela ukuthi inkathazo yakhe yayiyini. Wayenomopho, futhi waphiliswa. Wakukholwa. Futhi masinyane, emzimbeni wakhe, wezwa ukuthi umopho wase ukhawukile, (kunjalo na?) wase unqamukile khona lapho.

168 Manje Uyafana nje namhlanje. Awudingi ukuba ube lapha. Manje, iBhayibheli lakusho lokho eTestamenteni eLisha manje, ukuthi, "UJesu Kristu ungumPristi wethu oMkhulu." Siyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UmPristi oMkhulu kuphela esinaye, uMnxuseli kuphela esinaye phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, nguMuntu, uKristu Jesu. Niyakukholwa lokho na? ["Amen."] NeBhayibheli lathi, "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Kunjalo na? ["Amen."] Bangaki abaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? Phakamisa isandla sakho ukuze ba . . . Kulungile. Angikho phakathi kwezihambi, kuleliZwi.

169 Manje Ubeyokwenzenjani ukuba UbuMthintile na? Ubeyokwenza ngokufanayo Enza ngakho ngenkathi Elapha, ngoba Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

170 Manje kholwa nje. Wena thana nje, “Manje, Nkosi, ngike ngaba semihlanganweni ngike ngaba se, kodwa nje ngizokholwa, namhlanje. A—angizukuthatha ngisho nomcabango wami uqobo. Ngizokholwa nje ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi Ulapha. Futhi nginesidingo, futhi Uvele nje . . . Ungisize, Nkosi.” Niyabo? Manje kwenze lokho. Ungashaywa wuvalo; nje—nje ukwethembeka okunesizotha.

171 Isiphiwo sokukholwa asisiyo into oyithathayo futhi wenze okuthize ngaso. Isiphiwo sokukholwa nguwe nje uphuma wena uqobo endleleni. Isiphiwo singukuthi uzikhiphe wena uqobo endleleni.

172 Manje nakhu kumi owesifazane. UBaba uNkulunkulu uyazi, selokhu kwaba ngukwazi kwami, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Uyisihambi ngokuphelele kimi. Kodwa, futhi akukho-bantu cishe ababili noma abathathu engingababona laphaya, ngiyabona.

173 Ngicabanga ukuthi lona nguNkk. Vayle ohlezi lapha, umkaMfowethu Lee. Anginasiqiniseko. Manje-ke ngazi lababafana abathathu noma abane behlezi ngakhona lapha. Ngokwazi kwami, yilabo kuphela engibabona emhlanganweni ngalesisikhathi, engibaziyo. Ngikholwa ukuthi lowo nguMfowethu Anthony Milano ohlezi lapho, waseNew York. UMfowethu Pat Tyler waseKentucky. Ngaphandle kwalokho . . . Ngiyazi uFred Sothmann uphakathi lapho ndawondawo, ngimzwile empompoloza u “amen” esikhashaneni esedlule. Ukuthi, lokho kuthi akugcine kulabo, noBaba waseZulwini uyakwazi lokho.

174 Nalona wesifazane omi lapha, futhi angikaze ngimbone. Anginalwazi lokuthi ungani lapha. Ungowesifazane nje owenyukela lapha emsamo, ngokufanayo njengoba nihlezi khona lapho.

175 Manje, uma lona wesifazane enesidingo, awu, manje-ke ngi—ngi, uma bengingamsiza, bengi—ngizokwenza ngempela. Kodwa manje ngi—ngi . . . Lokho kuya ngokuthi udingani. Ukuba bekuyimali, bengingahle ngi—ngicinge amadola amahlanu noma ayishumi. Ngaphandle kwalokho, angazi, niyabo, ngaphandle uma bengizomnika isheke elingaphambi kwesikhathi, ngize ngithole inkokhelo yami ngenyanga ezayo. Kodwa manje uma-ke enenkathazo yasekhaya na? Khona-ke bengizothi, “Hamba ulande indoda yakho, asikhulume ndawonye, mhlawumbe ngingakusiza. ‘Anginandlela yokufika ekhaya’? Awu, bengizocela omunye uma bengakuthatha, akuyise ekhaya, uhamba ngendlela yakho. Wakhe ezansi kumuphi umgwaqo ezansi lapha na?” Kumbe noma ngabe kuyini, angazi. Kodwa uma kungukugula, khona-ke a—angazi. Niyabo? Kodwa angimazi owesifazane.

176 Kodwa kukhona Omunye lapha, leliZwi, elethenjiswa, “Izinto engizenzayo Mina niyoba njalo nani.”

177 Manje, mhlampe, uma-ke lona wesifazane egula, mhlawumbe unomdlavuza, mhlawumbe uneTB, futhi, noma kuyinto ethize umuthi ongeke usize kulesi—kulesisigaba na? Awu, manje, bengingeke, mina akukho-ndlela ebengingamphilisa ngayo owesifazane.

178 Kodwa manje uma Engembula kimi ukuthi ufunani, njengoba Enza nje kowesifazane emthonjeni, noma njengoba Atshela uNathanayeli, noma—noma atshela uSimoni ukuthi wayengubani igama lakhe. Wathi, “Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJonase. Kusukela manje uzakubizwa ngo*Petru*, okusho ukuthi ‘itshe elincane.’”

179 Awu, manje, uma Ubezokwenza into enjengaleyo lapha ebukhoneni benu nonke, lokho kukhombisa ukuthi iZwi liyiQiniso. Manje, bangaki abazokukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngabe ukhona umuntu lapha omaziyo owesifazane, phakamisa isandla sakho, bakhona abantu endlini na? Ya, abaningi benu bayamazi. Kulungile. NoBaba uyazi ukuthi angazi. Awu, manje, ake sibone nje ukuthi Uzothini. Nokuthi, ngabe lokho kuzoba yindida na? [“Amen.”] Angazi ukuthi yini engalungile ngaye. Angazi ukuthi uze ngani lapha, noma lutho ngaye. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi lokho.

180 Ngizokhuluma nowesifazane. Manje lona ngumuntu wokuqala ukuba ngibe naye phambi kwami, cishe izinyanga ezintathu. Manje ngifuna nje ukukhuluma kwinenekazi, umzuzwana nje. Nalokho yini na? Ngixhumane nomoya walo. Njengoba uJesu enza nje kowesifazane emthonjeni, ngixhumane nomoya wakhe.

181 Manje, uma iNkosi uJesu, nenekazi, engembula kimi ukuthi yini engalungile ngawe, noma ukuthi uze ngani lapha, noma into ethize ngakho, ukuthi uyazi ukuthi angazi lutho ngakho, noma into enjalo, ungakholwa ukuthi bekunguYe na? Kuzofanele kube nguYe, kungeke na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kuzoba nguYe. Uma ezokwenza, khona-ke sonke sizobonga ukuthi siyazi ukuthi iZwi laKhe liqinisile, khona-ke singabeka ithemba kulokho.

182 Manje, uma Engembula ukuthi yini inkathazo yakho, kimi, nami ngingakwazi wena, futhi uyakwazi lokho; kodwa manje uma Engembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho, noma into ethize ngawe, khona-ke lokho kukhombisa ukuthi kukhona uMoya lapha, ndawondawo, okwaziyo, futhi uyazi ukuthi angazi. Ngakho kungeke kwaba ngumuntu, kuzoba nguMoya. Futhi yilokho uNkulunkulu akwethembisa ngalesisikhathi sase-Efesu. Uyakukholwa lokho ukuthi kuyiQiniso na? [Udade uthi, “Yebo, ngiyakholwa.”—Umhl.] Kwangathi Angakupha.

183 Ngibona into eyodwa, uphethwe yinto enjengokukhathazwa amankanka enhla *lapha* ekhanda lakhe. Lokho kuqinisile. Akunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyikho. Kodwa amankanka angeke akubangele ukuthi uthimule futhi uqhubeke kanjalo, ngakho unemfiva ethimulisayo, futhi. Kunjalo. Awusuye owasePhoenix. Ungowalapho okune—nezinqwaba zamagquma, izihlahla. UngowaseFlagstaff. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? [Udade uthi "Yebo"—Umhl.] UnguNkk Earl. Ya. ["Kunjalo."] Kunjalo, akunjalo na? Manje hamba, ukholwa, kuzophela konke.

184 Manje ngabe Nguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, uBaba waseZulwini uyazi ngisanda kumbona nje owesifazane. Ngibona iZwi liqinisekiswa. Manje, akusimi, ngingumuntu nje. Njengalombhobho nje, uyisimungulu ngaphandle kwami ngikhuluma ngawo, noma omuny'umuntu. Futhi kanjalo nomuntu uyisimungulu nje. Kodwa nguMoya, nalowoMoya ukhona uphumele lapho phakathi kwenu. Niyabo? Ungumphilisi, hhayi mina.

185 Sawubona, mnumzane? Enye indoda engumuntu oyisihambi kimi. Angiyazi indoda. Manje, ngokwazi kwami, angikaze ngiyibone empilweni yami.

186 Kodwa manje uMoya, uMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele noJesu Kristu nguMoya uqobo lwawo. OGcotshiweyo, uJesu, uMuntu, wayeyiNdodana kaNkulunkulu, kodwa uMoya oNgcwele owawukuYe wawunguNkulunkulu. "UBaba waMi uhlala kiMi." Niyabo, NguMoya oNgcwele, ngakho kusalokhu kunguNkulunkulu.

187 Manje uma nje ngingazithola mina uqobo, leyondoda ingazithola yona uqobo, ukuthi iphume endleleni, khona-ke leyonxenye ifile, khona-ke ivumele uMoya wokuPhila uhambe uyosebenza. Niyabo? Yingakho ngilinda umzuzu nje, ukubona ukuthi kwenzekani kuze kuqale ugcobo.

188 Uma iNkosi uNkulunkulu, oBukhona baKhe sikubo, ezokwembula kimi, mnumzane, ukuthi yini inkathazo yakho, noma into ethize oyenzile, noma—noma into ethize ngawe, into ethize nje. Kusobala, ngesikhathi sikhuluma kakhulu, kungahamba kakhulu. Kodwa, uyabo, kukhona abanye abami emgqeni. Kodwa uma Ezongitshela nje ukuthi yini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, futhi ukholwe ukuthi Ukhona na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Isibhono. Kunjalo na? ["Impela kuyikho. Yebo."] Kunjalo.

189 Manje wena uthi, "Kwenziwa kanjani lokho na?" Ngifisa sengathi ngabe bengazi. Akukho-muntu ongakuchaza lokho. Leyo yindida. Niyabo?

190 Lapha, ukuze nazi, ngibone enye into ethize, ukuhlolwa; uphethwe yinhliziyo, futhi. Phakamisa isandla sakho. Mnu. Anderson, usungaya ekhaya manje, uJesu Kristu uyakusindisa. Kunjalo. Kholwa nje, yiba nokukholwa. Ungangabazi.

191 Sawubona, mnumzane? Siyizihambi komunye nomunye. Angikwazi. Ngokwazi kwami, kungokokuqala ukuze ngikubone, kimi ukuba ngikwazi. Kunjalo. Kodwa Uyasazi, sobabili.

192 Manje niyazi ukuthi kungani lokhu kwenzeka na? Ngumusa waKhe ukuvumela, ukuthi kuzoletha lababantu ukuba babe nokumuzwa uNkulunkulu. Manje, ngingazi lutho ngawe, ngingakwazi ngisho akukho-ndlela, indoda eyisihambi nje eza lapha. Manje kuzoba yindida uqobo ukuba kwenzeke into ethize, u—ukwazi ukuthi yini ebingalungile kuwe, noma into ethize oyenzile, noma yinto ethize obungafanele uyenze, noma into ethize obufanele uyenze, noma ungubani noma into ethize ngawe. Kuzoba yindida, ngoba akukho-ndlela kunoma ngubani ukwazi lokho, ngaphandle kwesambulo esinye sokungabonwayo. Kunjalo. Manje uma Ezokwenzela lokho, phakathi kwakho nami, ukuze izethameli . . . hhayi ukubukisa, kodwa ukuze babone aba—abase-Efesu lapha, ukuthi lena yinto eba yibriji phakathi kwehlelo neZwe leNkazimulo. Wakwethembisa, ukuze baqinisekiswe ukuthi esikushoyo kuyiQiniso.

193 Manje ukukwazi, uyazi angikwazi. Lokho ngukuthi, phakamisa isandla sakho ukuze abantu babone ukuthi u . . . mina, angikaze ngiyibone indoda empilweni yami. Iyindoda nje emi lapha. Buza noma yibaphi babanye. Kodwa uphethwe yisibhono. Futhi unemizoko. Kunjalo. Usuke kude, ukuze ufike lapha. Awusuye ngisho nowaseMelika. UngowaseCanada. Ufike nendodana yakho eokuhlushwa ngukugula ngengqondo. Lokho kuqinisile. Ufuna ngikutshele ukuthi ungowakuphi na? Ungowasekuhlinzekeni kweSasketchewan, iSaskatoon idolobha. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, noNkulunkulu uzokubuyisela ekhaya ususindile, nendodana yakho, uma ukholwa. Uyakukholwa na? UNkulunkulu akubusise.

194 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] INkosi uNkulunkulu isalokhu inguNkulunkulu. Niyabo? Akekho omunye ngaphandle kwaYo.

195 Sawubona? Nanti inenekazi, isihambi kimi, mhlampe lidadlana. Angikaze ngilibone; kodwa li—lingowesifazane nje omi lapha. Ngizodingeka ngisheshise, ngoba nje nginemizuzu eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili manje, niyabo. Buka lapha nje. Uyakholwa ukuthi lezizinto ziqinisile na? Ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyazi akunakwenzeka kimi ukuba ngazi ukuthi yini engalungile kuwe, kumbe noma yini ngawe. Kodwa akusikho okungenakwenzeka kuNkulunkulu ukuba azi,

ngoba Wayazi ngisho nangaphambi kokuba kuze kubekhona ngisho izwe. Kunjalo na? [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.]

196 Bangaki abakukholwayo ukuthi lokho kuqinisile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Wayazi ngaso sonke isikhathi ocwayizisa ngaso iso lakho. Ungongenasiphelo. Futhi cabangani nje; ngomusa waKhe Awethulile, ngeVangeli laKhe, into efanayo Athembisa ukuyenza. Manje-ke kukhona iZulu, futhi siya kulo. Futhi sikulaba abase-Efesu khona manje. Sikulokhu, siphuma kokukodwa, kungena kokunye.

197 Unezinto eziningi kakhulu ezingalungile kuwe, izifo ezinhlobonhlobo, izinto eziningi kakhulu ezingalungile. Futhi awusuye owalapha. Ungowasentshonalanga yalapha. UngowaseCalifornia. Kunjalo. Futhi unendodana ehluphekile. Kunjalo. U . . . Kukhona okuthize, ngilokhu ngibona amanzi echibinikazi elikhulukazi. O, yi, uno—unothize oseduze kwakho, ohlala eChicago, ongaziyo. Kunjalo. Lokho kuqinisile. Manje, uyazi angikwazi, kodwa uyakholwa yini ukuthi uNkulunkulu uyazi ukuthi ungubani na? Nkk. McGuire. Unaso isicelo sakho. Hamba uye ekhaya ubonga uNkulunkulu.

Sawubona? Ungumuntu omusha onamandla.

198 Kodwa ukugula nesifo akukhethi-muntu. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Siyazi nje ukuthi akukhethi-muntu.

199 "Uma ungakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho nangawo wonke umphefumulo wakho!" Lesosifuba somoya sizokuyeka uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

200 Inkathazo yesifuba, uyakholwa ukuthi izokuyeka, futhi, dadewethu, futhi uzosinda na? Uthinteni na? Uqhele kimi ngamafidi angamashumi amabili, noma ngaphezulu. Uthinte iNkosi. Kungukucinana, kwemizwa. Uzoba kahle.

201 Lena yinto edumile lona wesifazane osemncane ayimele lapha. Uyisihambi ngokuqondile. Angikaze ngimbone owesifazane. Kodwa ulethwe lapha ngomuny'umuntu. Futhi okumletha lapha, bekuyingoba wezwa iteyipu engayenzayo. Futhi ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Yilokho impela akukhonela lapha. Lokho kuqinisile, ntombi. Kunjalo. Woza lapha.

202 Nkulunkulu othandekayo, kwangathi lomntwana omi lapha, ogqabula esuka ebumnyameni engena ekuKhanyeni, kwangathi angemukela uMoya oNgcwele; aye ekhaya kubo nabathandekayo bakubo, abakhombise ukuthi yizinto ezinkulu kanjani uJesu azenzele yena. Amen.

UNkulunkulu akubusise. Ungangabazi. Kholwa.

203 UNkulunkulu angaphilisa zonke izinhlobo zokuguliswa yimizwa ne (uyakukholwa lokho?) zimo zesifo somoya, futhi akusindise. Uyakukholwa lokho na? Manje-ke hamba, kholwa

ngayo yonke inhliziyo yakho. UNkulunkulu makakubusise, mfowethu.

204 Uneminyaka emingaki na? [Udade uthi, "Amashumi amathathu-nesishiyagalombili."—Umhl.] Uzofanele uphume kulokho kuguliswa yimizwa ngaphambi kokuba kube yisikhathi eside kakhulu, awunjalo na? Unazo zonke izinhlobo zamalumbo, nakho konke okwenzeka kuwe. Kodwa sekusukile kuwe manje. Yebo, mnumzane.

205 UNkulunkulu uyakuphilisa ukuguliswa imizwa, inkathazo yesisu, futhi. Uyakukholwa lokho na? Manje-ke hamba udle okufisayo. UJesu Kristu ukuphilisile.

206 Niyakholwa khona lapho, nonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

207 Kukhona indoda ehlezi efake i—iyembe, ingibuka, ya, ibuke phansi eyembeni layo ngayo leyonkathi nje. Ya. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa ukukhathazwa yizindlala, angakusindisa na? Ubukholwa-ke ngaleyonkathi (ubungakholwa na?), lesosikhathi esifanayo lomfana omncane alapheke ngaso kulesosimo sesifuba somoya. Hamba uye ekhaya, s'thandwa, uzosinda, futhi, uyabo. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

208 Inenekazi elincane elihlezi ngakumkakho lapho, ungakholwa ukuthi amehlo akho azosinda, nawo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa leyonkathazo yeso na? Phakamisa isandla sakho uma kuyilokho obukukhulekela na. Niyabo?

Bathinteni na? UJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu.

209 Uyakholwa na? Uyakholwa, nsizwa na? UNkulunkulu angasiphilisa lesosimo segazi, asenze sibe kahle, (uzokukholwa lokho na?) asuse leyonto yesifo sikashukela futhi akusindise. Uyakukholwa lokho na? Hamba uMtshele ukuthi uyakukholwa, bese uhamba.

210 Woza, mnumzane. Uphethwe yisisu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa, asisindise na? [Umfowethu uthi, "Yebo, ngiyakholwa."—Umhl.] Hamba, ukholwe; uzosinda, uphiliswe.

211 Woza, letha lomfana omncane. Buka lapha, ndodana. Uphuma kude. Ngezinye izikhathi ushintsha ukuphakama, ushintsha ubunjalo bezulu, uzokwenza, ukuphilisa isimo sesifuba somoya. Kodwa kukhona ukuphilisa okuqinisileyo okukodwa, uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. Wanikela ngeNdodana yaKhe, ukuze abakho baphiliswe. Uyakukholwa lokho na? Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi kuzosuka kuye. Uzophila ngokwejwayelekile, indoda ephilile kahle. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

212 Uyakholwa na? Ngabe uNkulunkulu usazenza izindida na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Okungachazeki, okungaphathwa yingqondo, izinto abantu abangeke baziqonde ukuthi zingaba kanjani, kodwa kusalokhu kuqinisile, akunjalo na? ["Amen."] Manje bangaki ozwayo, nowaziyo emoyeni wakho, ukuthi kuzofanele kubekhona Into ethize lapha engaphambili le kokuqonda komuntu na?

213 Manje, ngicabanga ukuthi sibize okungenani abantu abayishumi nanhlanu kulowomugqa, bonke; nowesine noma owesihlanu, owesithupha, khona lapho emgqeni, abangenawo amakhadi omkhuleko, kumbe noma bebeyini khona emgqeni lapho, khona ezethamelini lapho. Kodwa khona manje singumzuzu owodwa nje wesikhathi, sokuvala.

214 Ngabe Wakwenza ngayo nje indlela Athi Uyokwenza ngayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje bangaki okholwayo ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade, ezwa uBukhona baKhe na? ["Amen."] Manje nibubonile uBukhona baKhe. Manje iso lenu libonile, izindlebe zenu ziqondile, noNkulunkulu ukuqinisile, phambi kwamehlo enu, uBukhona baKhe. Nokuthi lokho enikuzwayo ngaso sonke isikhathi, lokho kunilahla ngecala uma ninephutha, futhi anitshele ukuba ningakwenzi lokho, lowoNkulunkulu ofanayo usebe ngobonakalayo kini lapha kulentambama, emisebenzini yaKhe. Bangaki othi "amen" kulokho na? ["Amen."] Impela, yikho. Manje Ulapha.

215 Ngabe ukhona oyedwa lapha phakathi kwethu, ongakaze abe ngumKristu; ongakaze abe nokuvuma, awukaze nje uye esontweni? Ungasukuma, bese uthi, "Ngifuna ukuma, hhayi kuwe, mfundisi; kodwa ngifuna ukuma ngenkathi ngiseseBukhoneni baloMuntu, uJesu Kristu, OnguMoya oNgcwele phezu kwethu manje. Ngifuna ukuma bese ngithi, 'Ngifuna Ungisindise ezonweni zami'"? Yilokho kuphela engifuna nikwenze, sukumani nje, nalokho kuzofakaza. Yilokho kuphela esinesikhathi sokukwenza. Uthi, "Ngifuna ukuba ngumKristu." Yima ngezinyawo zakho, bese-ke ubuye uhlala phansi ngqo.

216 Ngabe ukhona oyedwa endlini na? Bangaki osendlini na? Bengingafanele ngithi, "Ngabe ukhona oyedwa na?" ngoba kungahle kubekhona abangaphezu koyedwa. Bangaki endlini abazoma khona manje, futhi bathi, "Kade ngisephutheni, Nkulunkulu. Ngithethelele. Ngizosukuma ukuba ngiKunike ubufakazi ukuthi kade nginephutha. Ngizohlala phansi ngiselapha eBukhoneni baKho. Ngizohlala phansi"? Sukuma nje.

217 Ngabe ukhona oyedwa, ukhona ongaphezu koyedwa na? Isandla esisodwa. UNkulunkulu akubusise, insizwa. Ngabe ukhona omunye na? UNkulunkulu akubusise. Ngabe

ukhona omunye na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Ukhona na? UNkulunkulu akubusise, emuva. Ngabe ukhona omunye, "Kade nginephutha. Nkulunkulu, ngithethelele"? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. "Kade nginephutha. Ngi—ngiyaxolisa, Nkosi." UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

218 Ngabe ubekhona umuntu obenokusola ngalenkonzo, futhi senelisiwe manje ukuthi iqinisile na? Sukuma lapho, bese uthi, "Nkulunkulu, ngithethelele." Sukuma nje lapha, bese uthi, "Bengi—nginokusola okuncane, Mfowethu Branham; konke akusekho manje." Phakamisa isandla sakho. Akekho oyedwa na? Ngiyabonga.

219 Bangaki okukholwayo Lokhu na? Bekungeke kwaba yimi; kodwa nguKristu, iNdodana kaNkulunkulu. Ngiyabonga. Khona-ke nizobona izinto ezinkulu kunalezi ezenziwayo, inqobo nje uma nizokukholwa. Nje hlalani noKristu. Ngizokwenza konke okusemandleni ukuba ngihlale naYe ngqo.

220 Manje bangaki lapha ogulayo nodingayo, phakamisa isandla sakho, "Ngi—ngiyagula, Mfowethu Branham, ngiyadinga"? Niyabo, ake nibheke nje abantu. Manje nizokwenza lokhu futhi nje nikholwe izwi lami kangaka na? Asibeke izandla zethu phezu komunye nomunye, ngenkathi ngiseneke izandla zami ngakini.

Asikhuleke.

221 Nkulunkulu othandekayo, ngiletha kuWe lezizethameli ezincane, kulentambama, lapho ezizwe khona futhi zafunda iZwi likaNkulunkulu. Siyazi ukuthi konke nokuncu kuyiQiniso, ngoba yiZwi laKho. Asikholwa kuphela manje ukuthi kuqinisile; siyazi ukuthi kuqinisile. SiKubonile, Nkosi, wenza into ezokwenza abantu bazi ukuthi kusekhona...Ngaphandle kwendida ye—yezwe, nebanga, nemithetho kaNkulunkulu yemvelo, singabona lapha lapho khona umthetho wokufa usebenza emzimbeni womuntu, lapho khona isayense yehluleke khona u—ukwelapha ngocwaningo lwabo. Futhi, Nkosi, siyabonga ngalabobantu. Asibehlisi nakancane isithunzi. Siyabonga ngabo. Kodwa, Nkosi, uma sekufika endaweni lapho abangeke besenza lutho, manje sibona isandla saKho esikhulu singena; sazi ukuthi akukho-muntu obengababaphilisa, ngoba ubengaba ngudokotela, noma adingeke athathe elinye ikhambi. Kodwa ukubona iNdodana kaNkulunkulu yehla, nalokho kwenza isithembiso, sonke esikholelwayo kuso.

222 Futhi wonke umuntu abaphakamise izandla zabo, obengasindisiwe, futhi—futhi befuna ukusindiswa. Nkulunkulu, into ethize ifudumeze inhliziyo yabo. Abanye babo bathi "kade besephutheni," mhlawumbe bahlubuka futhi befuna ukubuya. Ngikhulekela ukuthi Uzothatha ngamunye umbuyise. Ngokuba bayazi, Nkosi, futhi bazile...Abaningi babo ngahle ukuba

bebengazi, noma ngami, leminyaka, futhi bazi ukuthi akukhonto enhle kumuntu, futhi ikakhulukazi mina. Ibingabakhona kanjani into enhle na? Kepha nokho balibonile leloZwi, uNkulunkulu alethembisa, walibonakalisa. Benelisiwe ukuthi LiyiQiniso. BaLemukelile.

223 Abaningi lapha bengingebalethe emsamo. Futhi, Baba, Wena uyangifakazela, angikaze ngikusho lokho ukuthi bekuzoba yinto ebengingayenza, okungaphezu kokuzinikela kwami kuWe, futhi ngiKuvumele ungikhiphe endleleni futhi ufake uMoya waKho lapho ukuba usebenze. Manje, Baba, lokhu umuntu oyedwa angakwenza lokho, omunye angakwenza, ngikhulekela ukuthi ngamunye abazandla zabo zibekwe phezu komunye nomunye, ogulayo nohluphekile, uzophiliswa ngalesisikhathi nje.

224 Makuthi uMoya oNgcwele omkhulu wedlule kulendlu njengamanje futhi uphilise wonke umuntu. Sindisa wonke umuntu, Nkosi. Nikeza isehlakalo esikhulu. Thulula uMoya oNgcwele, phezu kwalezizethameli. O, sibheke Wena ukuba wenze izinto ezinkulu kuleliviki elizayo. Nje makube njalo, Nkosi, khona manje, eGameni likaJesu Kristu.

225 Manje sonke asime ngezinyawo zethu. Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? Manje angazi noma udadewethu, opiyaneni lapho, uzosinika i—i—ndlela encane yaleli, "NgoMdumisa. NgoMdumisa." Nike nalizwa lelo na? Manje asilicule, kanyekanye. Manje sizokwethemba ukubonana kusasa kusihlwa. Manje sizophuma ngokomthetho, emzuzwaneni nje, kodwa ngifuna ukucula leliculo nani. Kulungile, asihambe.

> NgoMdumisa, (asiphakamise izandla zethu)
> ngoMdumisa,
> Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> Mnikeni udumo, nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

226 Asikhothamise amakhanda ethu manje ngomkhuleko wokusikhipha. Kulungile, uMfowethu Jewel Rose uzosikhipha. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Rose, sisenawethu . . .

*Indida* ZUL65-0117
(A Paradox)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ntambama ngoJanuwari 17, 1965, wenzelwa Inhlanganyelo yamaZwe ngamazwe yoSomaBhizinisi beFull Gospel eWestward Ho Hhotela ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

